# KUNGANI KUBE YIBETLEHEMA ELINCANE

Kuhle ukuba lapha kulokhu ukusa. Futhi manje ngikholwa ukuthi sizoba nesipesheli, uMfowethu Williams ubengitshela, ngomunye umuntu wasebandleni lakhe. [Udade uyacula, *Gcwalisa Inkomishi Yami, Nkosi*—Umhl.] Yilokho esikukhonela lapha kulokhu ukusa, ukuphakamisa izinkomishi zethu, "Igcwalise, Nkosi." Lesi yisona sikhathi kuphela sokuthi sizoba nethuba lokucela lokhu. Kuyofika isikhathi lapho siyoba ngakolunye uhlangothi futhi khona-ke ngeke sisaba nalelothuba. Ngakho-ke ngenkathi sisenalo, futhi engqondweni yethu efanele, ngicabanga ukuthi eyodwa yezinto ezinengqondo kakhulu ukuthi umuntu angayenza ngenkathi uNkulunkulu esasinikile ithuba lokwenza kanjalo, ngukukwenza, sithole izinkomishi zethu zigcwaliswe manje ngothando lwaKhe nomusa.

2 Kukhona owahlala nathi esikhathini eside esedlule, kungekudala kakhulu, noma, futhi usedlulile emhlabeni. Futhi kungukudabuka kakhulu ezinhliziyweni zethu ngoMfowethu Williams. NguMfowethu Williams, umengameli wethu wezikhulu zomkhandlu lapha, uyise. Ubemdala kangakanani uyihlo, Mfowethu Williams na? Amashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili. Lokho kungaba iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, ngiqagele, ukwedlula i—i . . . qhabo, kungaba, yebo, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili kwedlula isikhathi esithenjisiwe. Indoda enesibindi. Akuzange kube kude kakhulu esikhathini esedlule kusukela, ngihlezi emhlanganweni, ngathi kuye, futhi akusikho ukungamazisi uMfowethu Williams, ngathi, "Ubukeka umusha kunendodana yakho, uCarl." Kuvele nje kubonise ukuthi silapha namhlanje futhi kusasa asikho lapha. Asazi ukuthi lesosikhathi sifika nini, uma sifika, kodwa siyazi ukuthi siyeza. Ngangicabanga, kodwa ukuphila kuyinto enhle kakhulu, kunjalo, impilo iyithuba.

3 Siba nenhlekelele enkulu nje, yalowo oza ebandleni lethu kade kakhulu, evela eChicago, owabulawa ngelinye ilanga eza ekhaya, umama. Wayesondele, ngicabanga ukuthi esondele emashumini ayisikhombisa, futhi yena nomyeni wakhe begibele kanye kanye futhi benyukela eKansas, eMissouri, oyedwa, isiphepho esikhulu seqhwa sidlula. Indoda ishayela, imoto ingalawuleki, intamo yakhe yaphuka khona lapho. Futhi thina nje asazi ukuthi lokhu kuza nini. Lapho ngi . . . bangibiza ukuba bangitshele ngakho futhi ngabiza bonke abantwana ukuzungeza isizwe, ngibatshela. Kusobala, ngingumelusi wabo, sengathi,

nganginguye ukuba ngibazise. Ukucabanga ukuthi singahamba ngokushesha kanjani, bese-ke lapho kuhleli ibhokisi likaswidi libekwe phambi kwami angenzela wona cishe iviki eledlule, futhi wanginikeza lona. Ukubona nje ukuthi singahlwithwa ngokushesha kanjani. Kodwa, uma lokho, uma lokhu kuphila kuphela kwakulapho esasinamathemba ethu khona, besingaba ngabantu abadabukisayo. UJobe wathi, esahlukweni se 14, "O, sengathi Ungangifihla endaweni yabafileyo futhi ungigcine endaweni efihlakele."

4 Senake naphawula ukuthi imvelo ifakaza kanjani ngoNkulunkulu na? Sithola izihlahla, amaqabunga eqathaka ezihlahleni, futhi ukuphila okusesihlahleni kwehlela emhlabathini, njengethuna, futhi kuhlale lapho kuze kudlule ulaka lwasebusika, bese kubuya futhi, kuveza ukuphila okusha. Kungubufakazi ukuthi siphinde siphile. Ilanga liphuma ekuseni, ingane encane nje, libuthakathaka; ngemuva kwesikhashana yilesisikhathi lisesikoleni, isikole esiphakeme; khona-ke emini lisemandleni alo okuqina; bese-ke ntambama liqala ukuphendukela kolunye uhlangothi; khona-ke kusihlwa liba buthakathaka futhi life. Kodwa, lokho akusiso isiphetho selanga, liphinde liphakame ekuseni ngokusa okulandelayo ukufakazela esinye isizukulwane, ukuthi kukhona ukuphila, ukufa, ukumbelwa, novuko.

5 Ngisho nemvelo yonke indawo ikhuluma ngaYe. Futhi imvelo ingubufakazi obukhulu ngenye indlela, lokho ngukuthi, ukuthi ngeke saba nalokhu kuPhila kovuko ngaphandle kokuba kufeze inhloso kaNkulunkulu. Manje, uma imbewu itshaliwe, futhi leyombewu ihluma, iveza imbali entsha. Kodwa uma ingahlumi, ngeke iveze imbali entsha, uma ingayifezi inhloso kaNkulunkulu. Noma kunjalo, hhayi nje ngoba iyimbali iyavuka, ngoba ifeza inhloso kaNkulunkulu. Yingalesosizathu ilanga liphuma, kungenxa yokuthi lifeza inhloso kaNkulunkulu. Futhi siyavuka uma sifeza inhloso kaNkulunkulu.

6 Ngikholwa ukuthi uMfowethu Williams uyifezile inhloso kaNkulunkulu empilweni, ubaba wangempela. Futhi ngibona isithandwa sakhe, uNkk. Williams, ehlezi lapha. Umyeni wangempela, lokho kungenye yezinhloso zikaNkulunkulu. Ubaba, enye yezinhloso zikaNkulunkulu. Futhi wahlunyiswa kuNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, inhloso kaNkulunkulu enkulu. Ngakho, ukusho ukuthi uMfowethu Williams ngeke avuke futhi abe nathi futhi, kuzodingeka sithi akukho—akukho kwehla kwamanzi esihlahla, akukho ukuphuma kwelanga. Konke kukhuluma ngokuvuka kwakhe futhi, ukuze abe nathi futhi, yonke into. Okokuqala, ilanga, izimbali, imvelo, impilo yezithombo, konke kukhuluma ngakho. Bese kuthi-ke iZwi likaNkulunkulu likhuluma ngaye. Futhi, ngaphandle kwalokho, khona kanye ukukholwa okusenhliziyweni yethu kuyabhakuza ukuthi sizombona futhi. Nkulunkulu phumuza umphefumulo

wakhe. Njengokushaya isaluthi okuncane nje kuye kowake wahlala nathi, masime ngezinyawo zethu umzuzwana nje.

7 Baba oseZulwini, asikaze sizame ukwenza umbuthwano onjengalona inhloso nje ukuze sibonakale noma siziwe. Sihlangane isikhathi ngasinye, ukwenzela ukwakhiwa kweNdodana yaKho, uJesu Kristu, nokunikeza ubufakazi kulabo abangenaYe, ukuze baMthole. Si, izinhliziyo zethu zithweswe umthwalo walabo abashiywe ngemuva kokwahlukaniswa kukamfowethu, lona obehleli nathi kungekudala, ohlale khona kanye izikhathi eziningi kulomkhandlu ofanayo. Kodwa sikholelwa ukuthi Umvumele ukuba aphile enhle, ukuphila okugcwele nxazonke, nomphefumulo wakhe unaWe namhlanje. Mphumuze, O Nkulunkulu, kuze kube yilolosuku lapho siyakuphinde simbone khona. Busisa indodana yakhe lapha, abanye abantwana bakhe, umkakhe othandekayo, nalabo abebemthanda, futhi labo yithi sonke, Baba. Futhi kwangathi singaqaphela kulokhu, ukuthi nathi sintekenteke futhi sifanele sihambe ngolunye usuku, ngakho-ke masizilungiselele lelohora elikhulu. Futhi uma kubakhona omunye lapha kulokhu ukusa ongazange alungiselele lesisenzakalo esifanayo, kwangathi lolu kungaba usuku abazothi "yebo" eNkosini uJesu, kanti futhi bahlunyiswe kuYe ngoMoya oNgcwele. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen. Hlalani phansi.

8 Manje, sifuna ukumemezela i—izimemezelo ezimbalwa. Umkami ehlezi emuva lapho kulokhu ukusa, ngamtshela, ngathi, "Sthandwa, ngizophuma kwisidlo sasekuseni..." Sadingeka ukuba sehlele edolobheni futhi senze izinto ezithize. Futhi ngathi, "Ngizophuma ngehora leshumi nqo." Wangibuka. Ngathi, "Uma ngingaphumile ngehora leshumi nqo, ngizokuthengela izingubo ezintathu ezintsha ezikhethwe nguwe." Ngakho-ke ngi—ngiyazi ukuthi kuzokwenzakalani, ngikweleta izingubo ezintathu khona manje, ngoba sekungamashumi amabili kuya kweleshumi manje. Kodwa ngizozama ukuphuthuma ngokushesha okunokwenzeka.

9 Siyajabula ukuba lapha eJeriko nani bazalwane kulokhu ukusa, futhi siyanimema, ngoMsombuluko ebusuku, nenyukele eJerusalema, eTucson, ukuya edilini ezansi lapho. Niyabo, iPhoenix isesigodini, njengeJeriko. ITucson, lapho engihlala khona, isentabeni, lelo—lelo iJerusalema. Ukuphi, Tony na? Kungani umuntu-mumbe angathi "amen" ngapha. Lapha, manje ngisogibeni, uTony akazange avele ngisho. Awu, kusasa, noma ngoMsombuluko ebusuku, yidili e—eTucson, futhi ngokuqinisekile siyojabula uma ukhona ngapha ngaleyondlela, ubuyothi gqi futhi usibone. Indaba yami ngalobo busuku, uma iNkosi ithanda, ngukuthi, S*ibonile INkanyezi YaKhe KwelaseMpumalanga Futhi Size Ukukhuleka kuYe*.

10 Futhi manje ziyishumi nesishiyagalolunye kulenyanga, noma ngenyanga ezayo, njalo, ziyishumi nesishiyagalolunye ku—kuJanuwari, ngiqala imvuselelo lapha, ngqo kuleligumbi, iRamada Inn lapha, futhi ziyishumi nesishiyagalolunye, zingamashumi ababili, nazingamashumi amabili nanye. Futhi khona-ke zingamashumi amabili nambili, ngiyakholwa, iqala. . .amashumi amabili nantathu, nginobusuku obune lapha, futhi njengemvuselelo. Abaningi benu bazalwane abangabefundisi, sijabule ngokwempela ukuba nani kulokhu ukusa, futhi sinimema ngokuzithoba ukuba nilethe abantu benu. Labo ikakhulukazi, lowo ngo, enimaziyo lapha edolobheni ongamazi uJesu njengoMsindisi wabo. Bese kuthi-ke, okwesibili, kulabo abagulayo futhi—futhi bekholwa ukuthi uNkulunkulu uphendula umkhuleko, sihlose ukukhulekela abagulayo ngalesisikhathi nje ngaphambi kweNgqungquthela kaZwelonke enkulu ezobanjelwa lapha kuqala zingamashumi amabili nambili. Futhi ngiqinisekile ukuthi nifuna ukuzwa lokho, ngoba kunezikhulumi eziningi eziqavile ezizayo, futhi ngiqinisekile ukuthi nizoba nesikhathi emnandi.

11 Manje, kulokhu ukusa, ngicabange ngokukhuluma lapha kulomkhandlu, lapho iPhoenix ibilokhu iyindawo enhliziyweni yami. Ngiyayithanda iPhoenix. Ngangilapha lapho ngisengumfanyana, phandle lapha eWickenburg ngenhla nje. Futhi ngahlala ezansi lapha ku-Sixteen noHenshaw. Kwakulugwadule ngaleso sikhathi. Kodwa ngiyabona ukuthi sekulapha ngqo kumasipala omkhulu, futhi, awu, ngempela enhliziyweni yedolobha. Kubonisa ukuthi isikhathi siyashintsha, siyanshitsha. Kodwa kunento eyodwa engifuna ukukhuluma ngayo kulokhu ukusa, Ngongaguqukiyo, lowo nguNkulunkulu. UNkulunkulu, ohlelweni lwaKhe, iZwi laKhe, Alishintshi neze. Izikhathi ziyashintsha, abantu bayashintsha, izinqubo ziyashintsha. Kodwa uNkulunkulu akaguquki neze, Uhlale efana njalo.

12 Futhi ngicabange ukuthi, njengoba besibhekene nesikhathi sikaKhisimusi, ukuthi besizo. . .mhlawumbe ngizokhuluma ngo—ngomlayezo kaKhisimusi. Futhi manje uma ninamaBhayibheli enu, futhi nithanda ukufunda, ngezinye izikhathi abantu bayathanda, ngemuva kwabavangeli noma isikhulumi, ngifuna ukufunda eVangelini likaMathewu oNgcwele, isahluko se 2, okwengxenye yeZwi.

> *UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerode inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema zivela empumalanga,*
>
> *Zithi, Uphi* lowo *ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibonile inkanyezi yakhe empumalanga, futhi size ukukhuleka kuyo.*
>
> *UHerode inkosi. . .esekuzwile lokho, wakhathazeka, neJerusalema lonke kanye naye.*

> *Wabutha bonke abapristi abakhulu nababhali besizwe, wabuza . . . kubo ukuthi uKristu uzakuzalelwaphi.*
>
> *. . . bathi kuye, EBetlehema laseJudiya: ngokuba kulotshiwe kanjalo nga*baprofethi *ukuthi,*
>
> *Nawe Betlehema, lizwe lakwaJuda, kawusiye omncane nakanye kubabusi bakwaJuda;* kepha *kuyakuvela kuwe uMbusi, oyakwalusa isizwe sami uIsrayeli.*

13 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Futhi manje nginamanothi athize lapha, neminye imiBhalo ukubhekisela kuyo. Ngithanda ukuba ninginakisise okwesikhashanyana ngendaba ethi: *Kungani Kube yiBetlehema Elincane.*

14 Niyazi, ngoKhisimusi, ngicabanga ukuthi thina sonke, abaningi kakhulu bethu, ngingethi sonke, kodwa abaningi bethu balahlekelwa ukubaluleka kwangempela kwalokho uKhisimusi oyikhona. Njengoba ngiqaphela lapha, ngisho nezihlahla zamasundu zihlotshisiwe; futhi eMpumalanga kuhlale kuyisihlahla esihlale siluhlaza esinamaqabunga afana nenalithi, noma esiluhlaza satshani. Futhi izinyanga, noma amaviki, njalo, mhlawumbe inyanga noma amaviki ayisithupha ngaphambi kokuba kuze kuqale uKhisimusi, njalo ubulivilivi futhi—futhi enkulu . . . Bakwenza kwaba okokuhwebelana esikhundleni salokho okukushoyo ngempela.

15 Angikholwa ukuthi uKristu wazalwa ngosuku lwamashumi amabili nanhlanu kaDisemba. A—angikukholwa lokho nhlobo. Bekungeke kwenzeke ukuba izinto zenzeke. Amagquma aseJudiya aneqhwa kuna, ngani, iqhwa lijule lifika okhalweni phakathi lapho ngenyanga ka—kaDisemba, phezulu eJudiya. Kodwa siyaqonda ekutadisheni umlando, uKristu mhlasimpe wazalwa entwasahlobo, ngale mhlawumbe ngoEphreli noma ngoMeyi, ndawo ndawo kanjalo. Kodwa lapho sekushintshiwe, lokhu, bakuletha, ngenkathi ubuKristu buguqulelwa kubuRoma, benza usuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, okwakungokuphathelene nelanga zingamashumi amabili nanhlanu, kusukela zingamashumi amabili nanye kuya zingamashumi amabili nanhlanu kaDisemba, ukushona kwelanga, njengokuthi, cishe kungashintshi nhlobo. Futhi khona-ke lolo kwakulusuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga, ngakho balushintshela eNdodaneni kaNkulunkulu.

16 Kodwa, khumbulani, kungakhathaleki ukuthi yiluphi usuku olungaba yilo, sisalokhu singabususi ubungcwele balokho okumele kube yikho. Lapho uSathane asiphange khona ngalokhu, wenze ukuhweba okukhulu, noSanta Claus weba konke ukukhonza. Futhi sekuba u—usuku olufana nePhasika, njengekhekhe eliziwe ngonogwaja namadada

aphinki. Futhi—futhi-ke lokho kuhlanganiseni nePhasika na? Lokho kuhlanganiseni nokuvuka kukaKristu na?

17 Kufana nezwe namhlanje, bona, izinganyana emgwaqweni zingakutshela kakhulu ngoDavey Crockett kunokuba zingakwazi ngoJesu Kristu. Zingakutshela kakhulu ngomunye umgulukudu, esinye isigebengu sezinsuku ezadlula, kunokuba bekwazi iNkosana yokuPhila e—eyazalwa eminyakeni edlule engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye. Kodwa lokho akukhiphi into yangempela isuke kithi maKristu.

18 Niyabo, njalo ukukhanya kukhanya ngokwedlula konke ebumnyameni. Umbani osamfologo ezibhakabhakeni ezinamafu amnyama ebusuku, kubonisa ukuthi kungaba khona ukukhanya ebumnyameni. Futhi uma ukukhanya kukhanya, awuboni . . . Uma ilanga likhanya, awuzidingi izibani kakhulu. Kodwa kumnyama kakhudlwana, ukukhanya kuba buncanyana, kuzokhanya kakhudlwana ebumnyameni. Kumnyama kakhudlwana, kungcono, kuzibonisa khona kangcono. Futhi lokho kuncane kakhulu ukuthi . . . Thina maKristu besifanele sifakaze enkazimulweni kaNkulunkulu enikeza iNdodana yaKhe kithi. LoKhisimusi ubufanele ube yinto evelele. Thina maKristu besifanele . . . Akunandaba ukuthi kubukeka kangakanani, kuyolenza likhanye kangcono kakhulu. Wonke umhlaba unobulivilivi. SinoKristu, futhi yilokho ebesifanele sikuvumele kukhanye kulelihora elimnyama esiphila kulo manje.

19 Sicabanga ngokuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto ngezindlela ezingajwayelekile, ngoba Ungongajwayelekile Yena uqobo. UNkulunkulu ungongajwayelekile. U—Ungaphezu kweMvelo, oNgenasiphelo, kithi esinesiphelo. Ngakho, noma yini Ayenzayo a—ayijwayelekile kakhulu. Futhi uNkulunkulu mkhulu kakhulu—kakhulu, aze Athathe izinto ezingaziwa zomhlaba ukuba azikhombe Yena uqobo ngakho.

20 Siyaqaphela lapha endabeni yami, ethi *Kungani Kube iBetlehema Elincane*, lowo omncane kunawo wonke owaseJudiya, amakhosana eminye imizi yaseJudiya, kungani uNkulunkulu ekhetha ukuthumela iNdodana yaKhe kuleyondawo na? Yilokho esifuna ukukhulumela kukho. UNkulunkulu ethatha izinto zezwe, ngikholwa ukuthi umBhalo uthi, "Ngobuwula bokushumayela, kwamthokozisa uNkulunkulu ukuthatha izinto ezingaziwa." Lokho esikwenza kube kukhulu, uNkulunkulu ukubiza ngobuwula. Esikudumisayo, uNkulunkulu uthi ku—ku—akukuhle. Futhi lokho esicabanga ukuthi akukuhle, uNkulunkulu uyakudumisa.

21 Bengicabanga nje ngaphambi nje kokuzalwa kweNkosi yethu, lapho bonke abaprofethi, njalonjalo, sebekhulume ngokufika komanduleli, "ukuthi yonke intaba iyoba ithafa kanjani namathafa aphakanyiselwe phezulu, futhi izintaba

ziyotshekula njengezinqama ezincane, namaqabunga ayoshaya izandla zawo." Futhi kwakungu—umfundisi, umprofethi ogama linguJohane, waphuma evela ehlane, hhayi ngisho esikoleni sezenkolo, ubuhwanqa ebusweni bakhe bonke, nesiqephu sesikhumba semvu, engagqoke zingubo zasesontweni, uyaphuma futhi uyamemezela, "UMbuso kaNkulunkulu ususeduze!" Futhi abantu babengaqondi neze ingubo enjengaleyo iza, engenankomba yanoma yiyiphi—noma yiyiphi inqubo, noma yini ayengowayo, noma yiliphi ikhadi lenhlanganyelo, noma yiliphi iqembu lobuhlelo ayemsekela. U—uMlayezo wawumukhulu kakhulu, wayengenakuthatha umuntu, uNkulunkulu wamfaka esikoleni phandle ehlane. UMlayezo wakhe wawungekho kolunye uhlobo lwe—lwemibandela yangokwesayense yezenkolo. Wakhuluma ngezinyoka nezimbazo nemithi, futhi yilokho ayekujwayele, imvelo, ebuka ukuthi yasebenza kanjani. Futhi kwakuyi—yindlela asondela ngayo. Hhayi njengomfundisi wasesontweni, kodwa njenge—njengendoda yemvelo.

22 Futhi abantu babengakwazi neze ukumqonda. Wayengenalo ngisho ipulpiti, futhi mhlasimpe wayengamukelekile kunoma yiliphi, kodwa washumayela ezingwini zaseJordani, mhlasimpe emi odakeni lunyuke lwaba isigamu emadolweni akhe. Kodwa abantu baphuma ukuzokuzwa, labo abaqotho enhliziyweni. Babefuna ukuzwa ngoba kwakuyinto ehlukile, kwakunokunkeneneza kweQiniso kukho.

23 Namhlanje besifanele sibe kulokhu, ekusondeleni ekuzalweni kukaKristu, uMlayezo wethu, bekufanele kube nokunkeneneza kweQiniso kukho okuyokwenza abantu bomele ukoMthola.

24 UNkulunkulu wathatha leyondoda elula, ingenamfundo, ingenasuku olulodwa esikoleni, kepha nokho kwashiwo ukuthi yayingenkulu kunabo bonke phakathi kwabaprofethi abake baphila, ngoba uNkulunkulu uzikhomba Yena uqobo ezintweni ezingaziwa.

25 Ngenkathi uJesu ekhetha abafundi baKhe, kwaba njalo. Kwakunamadoda amaningi ayefaneleka kangcono emsebenzini kunalabo bafundi, ayengabafundisi basesontweni, Akazange abize neyodwa. Kwakunabefundisi basesontweni ngalezozinsuku, amadoda amakhulu, abapristi, amadoda emfundo, amadoda adumile, kodwa Akazange ababize. Wathatha abadobi nabathelisi, nokunye nokunye, uku—ukuthumela uMlayezo waKhe. Uhlala njalo enza lokho.

26 Ezinsukwini zikaNowa, Wakhetha umlimi, umlimi ojwayelekile nje, ukuba amemezele imbubhiso yalowo nyaka. Umlimi ojwayelekile nje, hhayi umfundisi wasesontweni, umlimi nje! Ezinsukwini zikaNowa, Wathatha i—i . . . Ngithetheleleni.

27 Izinsuku zikaMose, Wathatha isigqila esibalekayo, hhayi umfundisi wasesontweni. Futhi Wamvumela ukuba aphume aze ukuba Wayesegculisekile, ngaphandle kwingemuva logwadule, futhi walahlekelwa yimfundo yakhe, futhi wabonakala kuye esihlahleni esivuthayo, futhi wamthumela ezansi nenduku egwegile esandleni sakhe, ukuba adle isizwe esasi . . . Ayembalekise kuso.

28 Niyabo, uNkulunkulu uthatha izinto ezilula ukuba azikhombe Yena uqobo ngazo. Niyabo, ethatha elaKhe, YiZwi laKhe nje. Wenza umhlaba ngezinto e—ezenza . . . ezingabonakalanga.

29 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ngangiseMorris Auditorium, omunye wemikhankaso yethu emikhulu yaseNew York, futhi ngangizwa isifundiso ekukhulumeni kukaEinstein ngalomthala, lokho kwathiwa kuthatha iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu ze—zesikhathi sokukhanya, ukuphuma kukho, neminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu ukubuyela emuva. Futhi-ke, cabanga nje, iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu, lokho kungaba yiminyaka yokukhanya eyizigidi ezingamakhulu amathathu. Futhi-ke uma usubuyele lapha, ubuyobe usuhambe iminyaka engamashumi amahlanu kuphela. Cabanga, ngani, ukukhanya kuhamba ngokushesha kanjani, amamayela ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nesithupha ngomzuzu, futhi cabanga ukuthi kungathatha izigidigidi nezigidigidikazi zeminyaka ukuphuma lapho ubuye futhi. Ikhulu namashumi amabili . . . ukukhanya okuyiminyaka eyizigidi ezingamakhulu amathathu. Futhi lokho kungukuya emthaleni nje ekuzungezeni kwezinkanyezi uNkulunkulu avele waziphephetha zisuka ezandleni zaKhe, futhi Wenza izinkulungwane zeminyaka zesikhathi eminyakeni yokukhanya ngaphezulu kwalokho, futhi lapho ezibukela phansi.

30 Khona-ke lomRashiya washo ukuthi wayesethi akabe ikhulu namashumi amahlanu, amamayela angamakhulu amabili, phezulu emoyeni, futhi wathi akazange ambone uNkulunkulu noma iziNgelosi. Umuntu angabalula kanjani na? Bese-ke ecabanga ngazo zonke lezozigidigidi nezigidigidikazi zeminyaka; futhi iminyaka engamashumi amahlanu kuphela ukusuka lapha, wenzani, wabhobokela ePhakadeni.

31 Bathi losomkhumbi-mkhathi lona osanda kukhuphuka, wayephezulu amahora amaningi kakhulu, wahamba amaningi kakhulu, izikhathi eziyishumi nesikhombisa ukuzungeza umhlaba, noma ngabe kwakuyini, bathi akukaze neze ngisho . . . kwakungesiwo umzuzwana owodwa empilweni yakhe. Wayehambisana nesikhathi. Ngakho-ke, niyabo, ubhobokela ePhakadeni. Lobo ngubukhulu bukaNkulunkulu.

32 Izingqondo zethu azikwazi ukuqonda ukuthi Mkhulu kangakanani. Futhi nokho lapho Eselungela ukuzembula Yena

uqobo, Ukwenza kube lula kakhulu, uthatha izinto ezilula ukukwenza, ubulula bakho.

33 UDavide, wayebonakala sengathi uyi—i . . . Wonke amadodana kaJese ayisikhombisa, wayengowokugcina ukuba alethwe phambi komprofethi. Ngani, ngisho nabantu bakhe babengahleka, babengeke bacabanga uDavide omncane obukeka ebomvana, omncane onamahlombe aqhothile, indoda ebukeka ibomvana ukuba ibe indoda eyoba inkosi yakwaIsrayeli. Kungenzeka ukuthi wayengabukeki njengenkosi kulabo bantu, kodwa ngokuqinisekile kufanele ukuthi wayebukeke njengayo kuNkulunkulu, ngoba ba . . . Wamgcoba ukuba abe yinkosi, noma kunjalo. Niyabo, Wathatha okulula komndeni kaDavide, noma umndeni kaJese, ukuba—ukuba enze amakhosi. Okuthile izwe elalikwalile, i . . . wayephendukile, wambuyisela emuva ukuze anakekele izimvu. Waletha indodana yokuqala yakhe—yakhe ngaphambili, indoda ebukeka inamandla amakhulu ebukeka kahle, mhlasimpe ingama iqonde thwi futhi ibonakala njengenkosi kaIsrayeli, futhi yilowo ababecabanga ukuthi uyobukeka kahle nomqhele ekhanda lakhe, nguyena one . . . ugqoka i—isembatho sobukhosi futhi wayengaphatha udondolo, futhi noma yini okufanelwe kwenziwe enkosini. U—wayebukeka emuhle emehlweni abantu.

34 Kodwa umprofethi, namafutha okugcoba esandleni sakhe, wathi, “Awunayo enye na?” Futhi wawaletha, ngayinye, kwaze kwathi ekugcineni wathi, “Awunayo enye na?”

35 Wathi, “Nginayo, kodwa mhlawumbe ingebe lutho. Ungumfo nje othi akabe uhlobo oluncane olomelele, samkhiphela phandle lapho elusa izimvu.”

36 Wathi, “Hambani nimlande.” Futhi kwathi nje lapho ewela emehlweni omprofethi ogcotshiwe, wathululela amafutha ekhanda—khanda lakhe, futhi wagijimela ukuyomhlangabeza. Wathi, “Lona nguye uNkulunkulu amkhethile.” Niyabo? Niyabo, akusibo ubulivilivi njalo, bezwe. Ngukukhetha kukaNkulunkulu.

37 Futhi ngomusa Wasikhetha, ngakho sinokubonga ngalokho kulokhu ukusa. Futhi akuthathi lezozinto ezinkulu eziwubulivilivi bezwe. Othobeke kakhulu angaba inceku kaKristu, kuthatha umuntu ofisayo.

38 UNkulunkulu wamgcoba, niyabo, uthatha izinto ezincane. Manje, kunganii Athatha iBetlehema elincane na? Kubonakala sengathi bekuyoba izindawo ezinkudlwana ukuthi iNkosi, iNkosi enkulu yamakhosi eyayingazalelwa kuzo.

39 Ngokujwayelekile uma silungiselela umcimbi lapha emhlabeni, sizama ukuwuthola kokuphakeme kunakho konke, into ebenyezela kakhulu kakhulu esingacabanga ngayo, sikuyisa ezindaweni ezinkulu kunazo zonke futhi sichithe imali eningi

kakhulu, nezinto ezilungiswe kakhulu kakhulu. Yileyondlela esikwenza ngayo.

40 Kodwa uNkulunkulu akakwenzi ngaleyondlela. Uthatha into ethile engelutho, ukuze Azikhombe Yena uqobo ukuthi unamandla, ukuthi Angakwazi. Ukuba Wayethathe umpristi omkhulu noma indoda eqeqeshwe kahle, ngezinsuku lapho Ayebiza khona abaphostoli, ukuba Wayethathe lowo esikhundleni songazi lutho, umdobi ongafundile ongakwazi ngisho nokubhala igama lakhe uqobo, babengathi, "O, lowo, niyabo, imfundo yakho iyakhokhela." Kodwa uNkulunkulu wathatha indoda eyayingakwazi ngisho nokubhala igama layo, ukuthi Wayengathatha into ethize Ayengayithola esandleni saKhe, into ethize Ayengenza into ethize ngayo, ukukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu. Sifika endaweni ukuthi siyaqonda ukuthi asiyilutho, khona-ke singene ezandleni zikaNkulunkulu, futhi Angakubumba futhi akwenze ngendlela Akufuna ube ngayo. Kodwa uma nje sinomuzwa wokuthi sibalulekile, khona-ke awusoze wafika ndawo. Awukwazi ngisho nokungena ezandleni zikaNkulunkulu kuze kube yilapho sibona ukuthi asibalulekile.

41 Enye yamantombazanyana ami yayibuza ngolunye usuku mayelana nokubaluleka. Ngathi. . .Awu, ngikhuluma ngenye indoda ebalulekile. Awu, kwakunguMongameli owabulawa nje, futhi izinhliziyo zethu zaba lusizi ngakho. Futhi ngathi, "Awu, wayeyindoda ebalulekile." Amaphepha aludlala, nethelevishini yalushutha, izigidigidi nezigidigidi zamadola kubiza uhulumeni ukusakaza lokho. Okungukuthi, lokho kulungile, lelo yibhizinisi labo. Kodwa ngathi. . . Lomshumayeli omncane wePentecostal phezulu lapho eCarolina, ukuthi indoda yangena, edakiwe nesibhamu esikhulu, yabiza umkayo futhi yadubula indoda yathi ngqu isuka epulpiti, yase idubula umkayo, yase izidubula, isiqeshana kwingemuva lephepha elikhulu *kangako*. Ake ngikutshele, mfowethu, akunandaba ukuthi singobani, "Ufuna ukwazi ukuthi ubaluleke kangakanani," ngathi entombazanyaneni yami, "faka umunwe wakho ebhakedeni lamanzi bese uwukhiphela ngaphandle, bese uzama ukuthola imbobo." Asiyilutho. Munye kuphela obalulekile, lowo nguNkulunkulu. Sifanele sikhumbule, NguYe.

42 Kwabukeka sengathi uma babefuna uku. . .umuntu ubelungisa indawo yokuba iNkosi izalwe kuyo, kwakunezindawo eziningi ezinkudlwana zezenkolo nezindawo zomlando zeNkosi esikhundleni saleBetlehema encane. Izindawo, isibonelo, njengeShilo. IShilo kwakuyilapho umphongolo owabekwa khona kuqala, siyazi, njengoba sifinyelela lapho. . .sifinyelela eJordani kuloluhlangothi lwePalestine, nalapho umpongolo wabekwa khona endaweni yawo yokuqala yokukhulekela. Noma iGiligali; iZiyoni, iZiyoni indawo enhle; iGiligali, futhi.

43 Noma isishayamthetho esikhulu esizigqajayo, saseJerusalema, lapho izinhloko zazo zonke izinhlangano zibuthana e, ikomkhulu labo, kubukeka sengathi zaziyoba zilungise indawo phezulu lapho eJerusalema ukuba iNkosi enkulu izalwe khona, ukuba babefune indawo, indawo yomlando noma indawo evelele kakhulu. Yilapho ikomkhulu lezenkolo lalikhona, lenkolo yabo lapho iNkosi yafika khona. Wafikela ukumelela inkolo yabo. Futhi Yena . . . futhi ngenkathi Enzile, esikhundleni sokuthi bona beMlungiselele indawo eJerusalema noma enye yalezo zindawana ezinkulu zomlando, Wazalelwa eBetlehema, omncane kunayo yonke imizi. "Awusiye omncinyane nakanye kubabusi bakwaJuda na? Ngokuba kuyakuvela kuwe u—uMbusi oyakwalusa isizwe saMi." Futhi leJerusalema enkulu ezigqajayo nayo yonke eminye imizi yanqatshwa.

44 Noma mhlawumbe babeyobe bethathe ezinye zezindawo zokuphephela, indawo enkulu efana neHebroni, iKadeshi, noma iRamothi-gileyadi, enye yaleyomizi yokuphephela, ngoba Wayezoba yisiPhephelo sethu. Uma singazama ukulungisa engqondweni yethu uqobo, singahle ukuba sithathe, asithi, "Awu, manje, uma lokhu kufika kweNkosi okukhulu, okuzoba yisiPhephelo sethu, Ufanele azalwe kwenye yalezi izindawo ezinkulu zezikhumbuzo zokuphephela, njengeRamothi-Gileyadi, noma iKadeshi, noma enye yalezo." Besingabe sizamile ukukulungisa kanjalo ezingqondweni zethu.

45 Kodwa, niyabo, uNkulunkulu unezinye izindlela zokwenza izinto. Uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto ngokulungile. Futhi manje ngomqondo kaNkulunkulu nosizo lukaNkulunkulu, sizozama ukusho ukuthi kungani ukuthi lokhu kwenzekile, ngoba konke kusebenza ncamashi khona ohlelweni olukhulu lukaNkulunkulu. Futhi ngifuna nina bantu lapha ePhoenix, nangokuzungeza, uku—uku—ukuzama ukuba nithole Lokhu. Lokho khumbula, ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani. Niyabo? Futhi Uthatha izindlela ezilula ukukwenza ngakho. Ngoba, uma Enza okuthile ngokuthile okuvelele kakhulu, khona-ke . . . uNkulunkulu akezenzi izinto ezinjalo, Akakaze akwenze kuwo wonke umlando weBhayibheli. UNkulunkulu akakaze asebenzane, akakaze enze noma ngasiphi isikhathi, athathe noma yiliphi iqembu labantu ukwenza noma yini. UNkulunkulu uthatha umuntu ngamunye. Unguye, wena, umuntu oyedwa. Futhi uNkulunkulu akalokothi ashintshe uhlelo lwaKhe. Ngoba, uhlelo lwaKhe lokuqala, Ufanele ahlale njalo nalolohlelo.

46 Ezinsukwini zikaNowa, Wayenomuntu oyedwa, uNowa. Izinsuku Akhipha ngazo uIsrayeli, Wayenomuntu oyedwa, lowo kwakunguMose. Siyazi uDathani nabaningi babanye bazama ukucabanga, awu, ba "benegunya elifanayo" nokunye nokunye. Niyazi ukuthi kwenzakalani kubona. Izinsuku

zokufika kweNkosi, izinsuku zikaJohane uMbhapathizi, nabehlukeneyo, Unomuntu oyedwa Asebenza ngaye. Futhi Usebenzana nathi namhlanje njengomuntu oyedwa, hhayi njengeqembu. Umuntu oyedwa! Kuzoba kuwena nami, kokuthi sima kanjani phambi kukaNkulunkulu. Ngoba, Usebenzana nawe nami njengabantu ngabanye, hhayi njengeqembu esikulo, futhi hhayi njengebandla lehlelo esingabalo, kodwa njengawe nami njengabantu ngabanye.

47 Manje, uJoshuwa, ekwabeleni izwe, unika lendawana encane kuJuda. Abaningi benu, ngi—nginezindawana ezithile lapha ezibhalabhalwe phansi lapho lihleli khona, kodwa sonke siyakwazi lokho, lapho lihleli khona ekhoneni. Futhi kwakuyindawo encane nje abayinika, uJoshuwa, ekwabeni izwe, unika lelo esizweni sakwaJuda.

48 Futhi manje lapho uIsrayeli ewela khona umfula waseJordani, manje zamani ukubamba lokhu, ngenkathi uIsrayeli ewelele ezweni, izwe elithenjisiwe, kwakukhona owesifazane weZizwe esimazi njengoRahabi isifebe. Futhi wacela umusa, futhi wemukela umusa, wemukela umusa inqobo nje uma wahlala ngaphansi kwaleyontambo ebomvu. Futhi leyo yiyona ndlela kuphela ayengaba nomusa ngayo. Kwakuyisibonakaliso, uphawu anikezwa lona.

49 SinoPhawu namhlanje, nathi, futhi siphephile inqobo nje uma sihlala ngaphansi kwentambo yethu ebomvu, iGazi likaJesu Kristu. Njengomuntu ngamunye, hhayi iqembu, umuntu ngamunye, thina ngamunye sifanele sihlale ngaphansi kwaleyo ntambo ebomvu yeGazi likaJesu Kristu.

50 Futhi khona-ke loRahabi, ngemuva kokuba wayesesindisiwe, wangenisa bonke abantu bakubo, konke okwakungaphansi kwentambo kwa—kwasindiswa. Njengalapho ngenkathi uNkulunkulu eGibithe, lapho bonke ababengaphansi kwegazi basindiswa. Konke okwakungaphansi kwentambo ebomvu kwasindiswa. Bonke abangaphansi kweGazi likaJesu usindisiwe, bonke ongaphandle kwaLo ulahlekile futhi ulungele imbubhiso. Futhi siyathola manje, ekwenzeni lokhu. . . Khona-ke siyaqonda ngomlando ukuthi wayenga abanye ojenene, angilazi igama lakhe njengamanje, ebuthweni lika-Israyeli. Futhi ekugcineni washada lendoda. Futhi bahlala phezulu lapha kulokhu, eduze kwalendawo encane, nendodana yakhe, uSalmoni, nguye owasungula iBetlehema. Niyabo, oweZizwe uxhunyaniswe nalo ekuqaleni, oweZizwe, uRahabi isifebe.

51 Manje, sithola ukuthi uSalmoni wasungula lomuzi omncane waseBetlehema. Futhi wazala uBowazi. NoBowazi kwaba nguye owaganwa nguRuthe, omunye oweZizwe. Futhi silandela lolulibo manje. URuthe, wathola, wayengowakwaMowabi, futhi washada noBowazi, futhi wangena kulomuzi omncane nje ngenkathi yonyaka webhali. O, ukuba besinesikhathi kulokhu

ukusa, kuze kube, kulokho, bengiyokweleta umkami izingubo eziyisithupha, emva kwalokho. Kodwa uhlala kanjani kuleyo ndaba!

52 UNawomi, omelela ibandla lomthetho, wasuswa yindaba yendlala, wawelela ezweni lakwaMowabi; njengokuhlakazeka kukaIsrayeli, baphuma bonke bephuma phakathi kwezizwe. Futhi manje-ke lapho ebuyele emuva, wabuyisela uRuthe, owakwaMowabi, futhi wabuyela nje ngenkathi yonyaka webhali, ukubuthelwa ngaphakathi nje kwebhali lokuqala. Lelo yileloBandla labeZizwe liza kuNkulunkulu nje ngenkathi yonyaka webhali futhi. Isithombe esihle lapho. Khona-ke yena noBowazi beshadile, kanye nendodana yabo edumile, uObede, watholwa lapho, futhi wazalwa. Kwase kuthi-ke indodana yakhe, indodana enkulu, uJese, kwavela uObede. Lapho futhi wazala uDavide, indodana yakhe, inkosi uDavide iyaphuma.

53 Bukani lokhu kukhuphuka kuza manje. Kusuka kuRahabi isifebe, indodana yakhe, ukulisungula. Kusukela kulokho kuza—kusukela kulokho kuza uBowazi, okwangenisa omunye oweZizwe. Bese kuthi-ke kuBowazi kuza uJese. Futhi lapha uJese, kuJese kwazalwa uDavide. Futhi uDavide, khona lapha kuleliBetlehema elincane elifanayo, wagcotshwa ngumprofethi kaNkulunkulu, ukuba abe yinkosi kaIsrayeli. Zonke lezizinto zangokomoya zifihliwe emehlweni ezwe, kwakwenzeka lapha kulomuzi omncane waseBetlehema. Niyabo, lokho yindlela uNkulunkulu enza ngayo.

54 Manje, ngithemba ukuthi uMoya oNgcwele uzoba khona manje ukukunika ukuqonda okuyikho, ukuthi uNkulunkulu akasebenzi phandle kulezizinto ezinkulu. KungoMoya. "Kungabi ngempi, kungabi ngamandla, kepha kube ngoMoya Wami," kusho iNkosi. Niyabo? UNkulunkulu esebenza ngoMoya phakathi kwabantu. Niyabo, lezizizinda ezinkulu, Wayengeza kulo muzi kuphela. Leyo yiyonandawo kuphela Ayengazalwa kuyo. UNkulunkulu elandela umugqa waKhe ofanayo. UNkulunkulu uhlala njalo enza lokho. UNkulunkulu ulandela u—umugqa weZwi laKhe. Akakwazi ukubuyela emuva eZwini laKhe, akunjalo, bese ehlala enguNkulunkulu. Uzofanele ahlale neZwi. Akasoze ashiya Lelo. Namhlanje, amasiko ethu nokunye nokunye kusithatha kusisuse eZwini. Sinezivumokholo nezinto esizijovela eZwini, okungcolisa yonk'into. Kodwa uNkulunkulu akasoze ashiya umugqa weZwi laKhe. IZwi laKhe liyiqiniso, njalo, ngoba UyiZwi. UNkulunkulu neZwi laKhe kuyafana.

55 Manje, sibona lapha ukuthi kanjani ukuthi leliBetlehema elincane, nokho linganakiwe, indawo encane enganakiwe kakhulu kakhulu ezweni elingaphandle, omncane kunawowonke nje wemizi, akekho owawunaka. Kodwa nokho uNkulunkulu wayenakho enhlosweni yaKhe ukuthi lokho... yilapho kukhona zonke lezizinto kwakuzokwenzeka. Manje, umqondo wangokomoya ungakucosha lokho, ngoba umprofethi

washo lapha, niyabo, umprofethi wathi, "Nawe Betlehema lizwe lakwaJuda, kawusiye omncinyane nakanye kubabusi? Kepha kuyakuvela kuwe uMbusi oyakwalusa isizwe saMi uIsrayeli." Umprofethi, ingqondo yomprofethi yakuthola.

56 Bheka lezo ezangokomoya, uMoya oNgcwele namhlanje uhola lezozinto. Akwenzi mehluko lokho izwe elikushoyo kubo bonke ubulivilivi balo. Buka uMoya oNgcwele eZwini, ilapho uza khona.

57 Kuthiwani lapho uJobe efa futhi wabalula indawo yakhe yokumbelwa na? Nakho kufika uAbrahama, uAbrahama wathenga isiqephu somhlaba ukuba ambele umkakhe, uSarah. NoAbrahama, ngenkathi efa, wayefuna ukumbelwa noSara. UAbrahama wazala uIsaka. UIsaka, lapho efa, wafuna ukumbelwa noAbrahama. UIsaka wazala uJakobe. UJakobe wafa, wehla wathi ngqu eGibhithe, kodwa wenza uJosefa (indodana yakhe engumprofethi) wafunga ngaye, nesandla sakhe siphezu kwenqulu yakhe eyinyonga, ukuthi wayengeke ammbele ezansi eGibhithe. Ngani na? Wathi, "Ngikhuphulele ezweni futhi lapho ambelwe khona." NoJosefa, lapho efa ezansi eGibhithe, wabalula ngokuhamba, noIsrayeli ephuma ngokwesiprofetho, kodwa wathi, "Susa amathambo ami kulelizwe." Ngani na? Babayazi ukuthi ulibo lokuqala lokuvuka lwalukhuphuka luvela kulelozwe, ngoba uJobe wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uyokuma phezu komhlaba; futhi noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyamemi yami ngiyakumbona uNkulunkulu."

58 Babazi ukuthi ulibo lokuqala lokuvuka lwaluphuma ezweni elithenjisiwe, hhayi eGibhithe. Babengabomoya, babengabaprofethi. Futhi ngenkathi uJesu efa, ngo—ngoLwesihlanu oLuhle, futhi wavuswa kokusa kwePhasika, ngokusa okulandelayo ngeSonto, iBhayibheli lasho ukuthi, "Abaningi babangcwele ababelele othulini lomhlaba, bavuswa futhi baphuma emathuneni, bangena emzini, bangena eNkazimulweni kanye naYe." Ngani na? Kwakuyilabo baprofethi ababebazi kahle impela ukuthi bambelwe kuphi, endaweni futhi ngaleso sikhathi. Kwakufihliwe emehlweni ohlakaniphileyo. Kodwa babazi lokho—lokho, abakubuka ohlangothini lukaMoya. U—ulibo lokuqala lovuko lwaluzophuma ePalestina, hhayi eGibhithe.

59 Kunjalo nanamhlanje, bangani. Abantu abaningi babambelela ezintweni zezwe, noma enye inqubo enkulu noma into ethile. Ngimbele kuJesu, ngokuba labo abakuKristu uNkulunkulu uzobaletha kanye naYe ngalolovuko. Nami angikhathalele ukuthi izwe lizothini, ukuthi bazama kangakanani ukufaka ubulivilivi izinto. KukuKristu, labo abakuKristu uNkulunkulu uzobaletha kanye naYe. Umqondo wokomoya ubamba lezozinto zangokomoya.

60 Lapha umprofethi wathi, "Betlehema elincane, awumncinyana phakathi kwabo bonke ababusi bakwaJuda na? Kepha kuwe kuyakuvela loMbusi," hhayi aphume kwisishayamthetho esizibiza kanjalo esikhulu, hhayi ephuma kwezinye izizinda zamabandla omlando noma into ethize, lapho iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, noma yiziphi ezinye ezaqala. "Kepha kwabancane balaba, endaweni engabalulekile kakhulu ngizoveza lendawo, uMbusi waMi wabantu."

61 Kodwa namhlanje sifuna ukuthi, "Obaba bethu benza *lokhu*, nobaba bethu benza *lokho*." Niyabo, uNkulunkulu akanaki nokunci kwalokho. UNkulunkulu wenza lokho Akufunayo. Bukani umzila woMoya, qaphela indlela u—umBhalo ofundeka ngayo. Babengazi ngalokho. Kodwa, niyabo, umBhalo uyilokho okuqinisile. Njalo, uNkulunkulu uqinisile.

62 UDavide wagcotshwa yilomprofethi omkhulu, ukuba abe yinkosi. Akungatshazwa ukuthi uSamuweli, lomprofethi omkhulu, wazazi lezizinto zingakenzeki. Futhi kwakulapho ukuthi inzalo yakhe enkulu ethenjisiwe yangokomoya enkulu . . . ngokuba uNkulunkulu wafunga ngesifungo, ukuthi Wayezovusa uKristu ukuba ahlale esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Khonake ikuphi uKristu ayengazalelwa khona na? Lapha yilapho kwazalelwa khona ubaba waKhe, umkhulu waKhe, ukhokho waKhe, ukhokho kakhokho kakhokho kakhokho emuva. Niyabo, abantu baKhe emgqeni wababeZizwe bangeniswa. Futhi manje iBhayibheli lasho ukuthi, "AbeZizwe bazothembela eGameni laKhe."

63 Bheka, konke kuzofanele kufakwe ukuze nikwazi ukukubona. Sithanda ukuhlala lapho okwesikhashana futhi zizinze kulokho, sinikhombise ukuthi kungani kube abeZizwe, kodwa ngiqinisekile ukuthi umqondo wangokomoya uzobamba lokhu khona manje; ngoba, ngokuba umama, futhi hhayi ubaba. Manje, ngoba ku—kwakungowesifazane, uMlobokazi. AbeZizwe bayokwakhiwa, uMlobokazi, uzokwakhiwa ngabeZizwe. OweZizwe, "Uyokhipha abantu kwabeZizwe ngenxa yeGama laKhe." Lelo yiGama laKhe. Wathatha umfazi, niyabo, kwabeZizwe. Futhi kwakufanele kube njalo, owesifazane uyangena, ibandla, naye. BabengabeZizwe, ogogo emuva olibweni.

64 Manje, njengoba nje uIsaka wayesolibweni empeleni. Manje qaphelani lokhu, sithola ngaleyonkathi-ke ukuthi uDavide wayenalisisethembiso sendodana. Manje, siyaqaphela ukuthi lokho kuhambisana ncamashi kanjani futhi noIsrayeli. Lapho uIsrayeli . . . Noma uAbrahama wathenjiswa ukuthi inzalo yakhe, eyoba yikho, ukuthi enzalweni yakhe kuyofika loMsindisi omkhulu, futhi uyoba nguyise wezizwe. Inzalo yakhe yokwemvelo, kusobala, yayinguIsaka, futhi yehluleka.

Kodwa iNzalo yakhe yokomoya, ngokukholwa ayenakho, kufika uKristu, owangenisa zonke izizwe.

65 Awu, manje into efanayo ihambisana ncamashi lapha futhi. Inzalo yokwemvelo kaDavide yayinguSolomoni, futhi yahlubuka njengenye inzalo ka-Abrahama eyenza. Yahlubuka. Kanjalo noSolomoni wahlubuka. Wayenabesifazane abaningi kakhulu futhi, into yokuqala niyazi, bahola inhliziyo yakhe bayiqhelisa kuNkulunkulu. Futhi indlela ahamba ngayo futhi wahlubuka, wafa ngaleyondlela, wahlubuka. UIsrayeli wafa ngendlela efanayo, wahlubuka.

66 Kodwa siyathola ukuthi leNzalo yokomoya, eyathenjiswa ngenzalo yokwemvelo njengohlanga lwabantu abeza ngoAbrahama, kodwa njengoba ubukhosi buvela ngesithembiso sokomoya sikaDavide. Futhi uDavide wazalelwa eBetlehema. Futhi wagcotshwa eBetlehema. Futhi siyathola-ke ukuthi ngesikhathi lapho iNzalo yakhe yaseBukhosini yangempela, iNdlalifa esihlalweni sakhe sobukhosi yazalwa, kulomuzi ofanayo, iBetlehema elincane. "Kawusiye omncane nakanye kubabusi bakwaJuda, kepha kuyakuvela kuwe uMbusi oyakwalusa isizwe saMi."

67 Kulomuzi omncane, isitebele esincane, isitebele somuzi ezansi ohlangothini lwedundu, kwakunomgede emuva phakathi edundwini, futhi lapho kwavela ngeminyango yaso emincane, iNkosana yoKuthula, ezalelwe esitebeleni, e—ebhokisini elincane lo—lotshani obomile ehlezi ndawo ndawo, umqquba utakelene ezinqolobaneni, nokunye nokunye, kodwa lapho kwafika leyoNkosana enkulu, iNzalo yowesifazane, lapho kwafika uMsindisi wezwe, lapho kwafika uJehova qobo laKhe, esimweni somuntu, waphuma kulesositebele esincane esithobekile eBetlehema. Kungesikho esigodlweni esithile senkosi, ezalwe ebukhosini; kodwa lapho Wavela kuleyondawo ethobekile, esitakini somquba ezansi phakathi lapho, futhi wayesongwe ngendwangu yokusonga ingane. Njengoba isiko lisho, yayithathwe ejokeni lenkabi lapho babelima khona ngalo.

68 Abantu abampofu! UJosefa noMariya, bobabili abampofu ngempela, futhi lapha babekulesisitebele esincane. Yeka ukuthi uNkulunkulu uzithoba kanjani Yena uqobo! Futhi manje-ke sizama ukuzenza into enkulu. Aniboni ukuthi uNkulunkulu uzithoba kanjani Yena uqobo futhi uthatha izinto ezingekho, ukuze Akwazi ukugcwalisa izithembiso zaKhe ezinkulu. Kanjani ukuthi uJehova omncane elele emkhombeni, esongwe nge—indwangu ethathwe ngemuva kwejoka, intamo yejoka lapho inkabi ebikhona. Futhi wasonga iNkosana yoKuthula ngayo! He! Singobani-ke thina na? Sifanelwe yini na? Uma uNkulunkulu engazithoba Yena uqobo kanjalo, besingafanele yini ukuba sikwazi ukuzithoba ukuze sibe yinceku yaKhe, uma Yena wenza izinto ezinjalo na? Besingeke sikhohlwe izithunzi zethu ezinkulu nezinto zalelizwe, futhi sidlule kulokho, futhi

sizithobe phambi kwaKhe kuloKhisimusi na? Futhi sibe i. . . SiMkhombise ukuthakasela kwethu ngalokho kuzalwa nalokho kuthobeka, ngokuzithoba kwethu uqobo nokwamukela iZwi laKhe. Kungenandaba ukuthi isiko lithini, yiZwi laKhe elishoyo. Yilokho Ayokuthatha, iZwi laKhe, futhi Lona kuphela.

69 Manje sithola ukuthi, lesisitebele esincane, kwakulapho lapho iculo likakhisimuzi lokuqala lake laculwa emhlabeni, futhi laculwa yiziNgelosi. Cabanga ngakho! Iculo likakhisimuzi lokuqala, lingaculwa phezulu lapho nguKayafase, hhayi ezansi kwelinye ibandla elihle kakhulu lapho umelusi omangalisayo wayekhona, kodwa esitebeleni eBetlehema, omncane phakathi kwayo yonke. Kodwa iculo likakhisimuzi lokuqala laculwa iziDalwa eziyiziNgelosi emzini omncane waseBetlehema. Niyabo ukuthi ngisho ukuthini na?

70 Kungakhathaleki ukuthi uhlwempu kangakanani, ukuthi ungahle u—ubemncane kangakanani noma ungabaluleki, uNkulunkulu angakusebenzisa uma uzoMvumela nje enze kanjalo. UNkulunkulu ufuna wena. Akakufuni ukuba ube. . . awudingeki ukuba ube ngowomphakathi othile omkhulu, enye inqubo enkulu, ubuzalwane obukhulu obuthize, noma kungahle kube yini, lokho akusho lutho kuNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna wena! Futhi uma u. . .uma uzizwa ukuthi umkhulu, khipha lowomuzwa kuwe. Kufanele uwukhiphe. Uthi, "Awu, kuhle, ngine Ph.D., LLD." Lokho kukuthatha nje lokho kukususe kakhulu kangako kuNkulunkulu. Khohlwa yinto. Buyela kuNkulunkulu. Buyela ekuzithobeni kukaMoya, futhi uthande uNkulunkulu futhi uthathe iZwi laKhe.

71 "Futhi uma nihlala kimi neZwi laMi likini, khona-ke celani enikufunayo, niyokwenzelwa khona." UNkulunkulu wethembisa lokho. "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kepha ukholwa ukuthi lokho okushoyo kuyenzeka, ungaba nakho okushilo." "Okholwayo yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Nemikhulu kunale uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Izethembiso ezinje pho!

72 Kunento ethile eshodayo ndawondawo. Esizama ukukwenza ngukukusonta futhi sikwenze into ethize enkulu phezulu lapho, sifake imbali nobulivilivi kukho, futhi sikungcolisa njengoba nje izizwe zenze uKhisimusi. Kunjalo! Uma singasusa ubulivilivi ezintweni, noku—kuthobeka emuva enhliziyweni yomuntu! Uma singabuyisa ukuthobeka kuKhisimusi kulokho obekumele kube yikho! Hhayi usuku lokuhweba, hhayi izibani noSanta Claus! Kodwa emuva ekukhonzeni uNkulunkulu wendalo Ofika esitebeleni futhi wazalwa eyiNgane, uNkulunkulu enziwe inyama futhi wahlala phakathi kwethu! Uma singabuyela kulokho, sisuke nobulivilivi nezinto ezinkulu. UNkulunkulu akasebenzani ngisho nakho nhlobo.

73 Wena uthi, "Awu, ngingowenhlangano enkulu kunazo zonke." Lokho kukuthatha kukuqhelise kakhulu kangako kuNkulunkulu. Wena uthi, "Ngenza *lokhu*, lokho." Lokho nje kukuthatha kukuqhelise kangako.

74 Ufanele uzithobe wena uqobo uze ubone lokho, kuze kube, "Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikuthandayo." Esizama ukukwenza, ngokushesha nje lapho uNkulunkulu esinikeza isihlambi esincane sezibusiso, sizama ukukusonta konke futhi sithole izikhulu phakathi lapho lapho ezizokwenza amagama amakhulu kakhulu futhi sidlule omunye. Lona uqala *ngale*ndlela na*leyo*ndlela, uNkulunkulu ushiya yonke into. Esikudingayo namhlanje ukuthululwa okufreshi kukaMoya oNgcwele phezu kwezinhliziyo ezithobekile. Sidinga uKhisimusi wangempela, indawo yokuzalwa. Uma ungaqonda ukuthi awulutho kodwa isitebele! UNkulunkulu akayanga eJerusalema, eShilo, noma eRamothi-Gileyadi, Uza esitebeleni esasingcolile. Uma uvumela uNkulunkulu, uba . . . futhi uqonde ngaphakathi kuwe ukuthi awulutho kodwa isitebele esinukayo. Kodwa wamukele, uvule iminyango yakho, lapho lezizindawo ezinkulu kakhulu namahhotela amancane kuyaMxosha, vula iminyango yakho yomkhombe wenhliziyo yakho bese uvumela uJehova angene kuleyo, futhi ubuke okwenzekayo, ngokuba UyiZwi. Wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini." UyiZwi. Mvumele angene kuwe, futhi niqaphele okwenzekayo. Bese nicela enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona.

75 Yebo, kwakulapho iculo likakhisimuzi lokuqala laculwa yiziNgelosi, eminyakeni eminingi edlule. Futhi ngenkathi Yena . . .

76 [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. Omunye unikeza ukuhunyushwa. Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.]

Futhi manje siyazi ukuthi umlayezo kumele ube obaluleke kakhulu, ukuthi uNkulunkulu ubefuna ukusho lokho, noma Ubengeke afohle emlayezweni ukwenza into ethize enjalo. "Zithobeni ngaphansi kwezandla zikaNkulunkulu," bekungumlayezo wawo, bangane.

Manje, Baba wethu waseZulwini, siyazi ukuthi Ungukuhlakanipha konke futhi wenza konke ngokulungile. Sikhulekela ukuthi Uzopha manje ukuthi lokhu kungaba u—umyalezo kubantu, ukuthi ngempela bafanele sizithobe, sonke, futhi size ngaphansi kwesandla sikaNkulunkulu onamandla. Sizinikela kuWe, Baba, ukuthi Uzosipha lokhu. EGameni likaJesu, iNdodana Yakho. Amen.

77 Manje, ukuqhubekela phambili, bengikhuluma ngesikhathi lapho iculo likakhisimuzi lokuqala laculwa, laculwa yiziNgelosi eBetlehema elincane. Yilapho onke lamadoda amakhulu azalwa khona. Yilapho isithembiso seNkosi sazalwa khona. INkosi eyethenjiswa yafika kulokho. Manje, igama . . . ukuthola

ukushesha manje, ukuze nginganibambi isikhathi eside kakhulu. I—isithembiso, igama kwakuyileli, igama "Betlehema." Ake silihlaziye. Ngeqe amanothi ambalwa lapha ukuze ngithathe isikhathi. Manje, iBetlehema. Igama *B-e-t-h* lisho "indlu." *E-l* lisho "uNkulunkulu," ngesiHeberu. *E-l-h-e-m* yi "Sinkwa." *Betlehema*, "indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." Yilokho igama elikushoyo.

78 Amazwi, amagama, anezincazelo. Abantu abaningi abakukholwa lokho, kodwa lelo yiqiniso. Uma amagama engenancazelo ethize, kungani igama lika-Abrama lalifanele lishintshwe libe nguAbrahama na? Kungani uSarayi wayefanele ashintshwe abe kuSara na? Kungani uSawulu kwakufanele ashintshe abe nguPawulu na? Kungani uSimoni wayefanele ashintshwe abe nguPetru na? Niyabo, onke lawa linezincazelo, konke kunezincazelo.

79 Negama *Betlehema* lisho "indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." Manje, kufaneleka kanjani lokho kuJesu, iSinkwa sokuPhila okuPhakade. UKristu uyiSinkwa sokuPhila. Sonke siyakukholwa lokho, akunjalo na? Kulifanele kanjani iBetlehema lapho, isikhungo sesinkwa sezwe, kwakuyisikhungo sesinkwa sokuPhila okuPhakade. Yingakho iNkosi yayifanele izalwe lapho. Wathi, kuJohane oNgcwele 6:35, "NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Oyihlo badla imana ehlane, futhi bonke bafile. Kepha lesiSinkwa, uma umuntu edla lesiSinkwa, uyophila phakade." Khona-ke, uJesu uyiSinkwa sokuPhila, ngakho iSinkwa sokuPhila kwakufanele size eBetlehema. UyiSinkwa sethu sokuPhila sohambo, njengoIsrayeli. UNkulunkulu wanika uIsrayeli isinkwa esivela ezibhakabhakeni, enzela uhambo lwabo, njengoba bahamba lapho bashiya khona iGibhithe beyongena ezweni lesethembiso. Isinkwa, ngobusuku, sana sivela ezibhakabhakeni. Futhi uNkulunkulu wasinika iSinkwa sokuPhila ngohambo lwethu, uza eBetlehema, indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu. Niyabo ukuthi kwakufanele kube kanjani na? Kufanele kube lapho lelogama libizwa ngokuthi, *iBetlehema*, "indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." Manje-ke Wayengazalwa kanjani eJerusalema na? Wayengazalelwa kanjani eRamothi-Gileyadi na? Niyabo, Ufika lapho iGama laKhe lalikhona, "indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu."

80 O, qaphelani, uIsrayeli wemukela isinkwa esisha esifreshi njalo ngobusuku, sehla sivela eZulwini, ngohambo lwabo. UKristu uyiMpilo yethu, iSinkwa sokuPhila, futhi nsuku zonke semukela ubufreshi obuvela kuKristu, kusuka eZulwini, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwekholwa nsuku zonke. Ufreshi!

81 Isehlakalo sayizolo, abaningi bethu baphila nesahlakalo sayizolo. Asifanele senze lokho. Yisehlakalo sanamhlanje! Yileyo indaba ngamahlelo ethu, aphila esehlakalweni sikaJohn Wesley, phezu kwesehlakalo sikaDwight Moody, uFinney,

uSanky, uKnox, uCalvin, abaningi balabo emuva lapho. Baphila kulesosehlakalo. Kodwa, khumbulani, isinkwa esawa, futhi bazama ukusigcina, sonakaliswa, izimpethu zangena kuso, onoshobishobi abancane. Futhi yileyo indaba namhlanje, imithombo eyonakele, bephila ngesinkwa sayizolo esonakele.

82 Simele sibe nokuthile okufreshi okuvela kuKristu, iZwi laKhe namhlanje lalelihora. Niyabo? Ungubufreshi bethu, iSinkwa sethu esina nsuku zonke sivela eZulwini phezu kwekholwa. UyiBetlehema lethu, iNdlu kaNkulunkulu yeSinkwa sokuPhila okuPhakade. UKristu wazalelwa eBetlehema, futhi waba iNdlu kaNkulunkulu yeSinkwa sokuPhila okuPhakade. UyiSinkwa sokuPhila. UyiBetlehema lethu. UKristu uyiBetlehema lethu. Isinkwa semvelo sibizwa ngo "dondolo lokuphila." Sibiza isinkwa semvelo, njengesinkwa sethu sokukhanya, nodondolo esilutholayo, lubizwa ngokuthi udondolo lokuphila. UJesu unguDondolo lokuPhila kukaNkulunkulu, u—u—u—uDondolo lweSinkwa sokuPhila lokuPhila okuPhakade. Njengoba udondolo lokuphila luthiwa isinkwa, uJesu, eyiSinkwa sokuPhila, uDondolo lukaNkulunkulu lweSinkwa sokuPhila okuPhakade kithi. Niyabo?

83 Asikwazi ukuhamba, kukhona okufanele kufe ukuze sikwazi ukudla. Kulokhu ukusa ngenkathi udla, udla into efile. Uma into ethize ingafi, khona-ke ungeke uphile, ngoba uphila kuphela ngento efile. Uma udla inyama, ingulube yafa. Udla inyama yengulube, ingulube yafa, kusobala. Futhi manje-ke uma udla inyama yenkomo, inkomazi yafa. Wena uthi, "Kodwa ngidla isinkwa." Khona-ke ukolo wafa. "Ngani, ngidle imifino." Imifino yafa. Uphila kuphela ngento efile, futhi yiyona ndlela kuphela ongaphila ngayo.

84 Khona-ke uma ungaphila ngokwemvelo kuphela, ngezinto ezifile, okuthile kwadingeka kufe ukuze uphile ngokwemvelo, kakhulu kangakanani ukuthi Okuthile kwakufanele kufe ukuze uphile Phakade! UKristu wafa, ukuze siphile Phakade. Futhi Uba yiNdlu yeSinkwa sokuPhila okuPhakade kukaNkulunkulu, esisibambayo, sifreshi, lonke ihora losuku, sehla siphuma kuNkulunkulu sivela eZulwini, esimweni sikaMoya oNgcwele, sondla imiphefumulo yethu elambile njengoba sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini. UyiBetlehema lethu.

85 Khona-ke onke amadodana akholwayo eqiniso kaNkulunkulu azalwa eBetlehema naYe. Uma uKristu kwadingeka abe yiSinkwa sokuPhila, ukuba azalwe eBetlehema, okuyiNdlu yeSinkwa sokuPhila, khona-ke wonke amakholwa eqiniso kuKristu azalwa kuKristu, azalwa eBetlehema likaNkulunkulu. Amen. Khona-ke, kuphela, uJesu wazalelwa eBetlehema, ngazalelwa eBetlehema, wazalelwa eBetlehema. Wakwenza kanjani na? Khona lapha ePhoenix, eArizona, kulokhu ukusa eRamada, ungaphind'uzalwe eBetlehema

likaNkulunkulu, iNdlu yokuPhila kweSinkwa esiPhakade. Sidle futhi uphile ingunaphakade!

86 Kungani kube yiBetlehema elincane? Lokho kunamhlanje, "Kungani kube isigejane sabagingqiki abangcwele abancane na? Kungani *lokhu*, *lokho* noma *okunye* na?" Abantu abazi ukuthi konke Kuphathelene nani.

87 Kodwa uMoya uyaKwembula. IZwi liyaKukhombisa. Ngukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu. SinokuPhila ngoKristu, futhi Yena yedwa. Izinhlangano zethu, amahlelo ethu, imehlukano kwethu, kuphela isihlukanisa noNkulunkulu. Sinokufinyelela okukodwa kuNkulunkulu, futhi lokho kungoJesu uKristu. Ayikho enye indlela esingeza ngayo kuYe; akungampristi, hhayi umshumayeli, hhayi inqubo, noma lutho olunye; uJesu Kristu kuphela futhi Yena ebethelwe. UyiSinkwa sikaNkulunkulu sokuPhila, futhi sizalelwa kuYe. Futhi uma eyiSinkwa sokuPhila sikaNkulunkulu, khona-ke UyiBetlehema. Futhi njengoba sizalwe kuKristu, khona-ke sizalwe nguNkulunkulu eBetlehema, kuKristu uJesu, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, sidla okwaKhe. Sidla okwaKhe! Ubani uYena na? UnguLizwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Futhi uma singahlala ngenhloso eyodwa, iZwi likaNkulunkulu, futhi sizondle ngaLelo, sikwelikaNkulunkulu, iBetlehema lokomoya, sidla iSinkwa sikaNkulunkulu sokomoya, nemiphefumulo yethu igcizelela lonke iZwi Alikhulumayo, ngo "Amen!" Sijabulela lokhu uKudla kwengelosi yaseZulwini.

88 Uma Lithi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Isivumokholo noma ihlelo lithi, "O, Alinjalo." Kodwa indoda yangempela ezalwa eBetlehema, ithi, "Amen!"

89 "Imisebenzi engiyenzayo nani niyakuyenza." Amahlelo athi, "Isigejane samadlingozi enziwe." Kodwa abahlali bangempela baseBetlehema bathi, "Amen," ngoba unelisekile, Lokho ngukudla kweNgelosi.

90 "Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." Amen.

91 O, abaphakeme nabahlakaniphile abasoze bakubona. Sibambelela kakhulu emasikweni ethu abadala, kakhulu kakhulu kangangokuthi sifanele sithwale amakhadi nayoyonke into ukuba singene kwelinye ipulpiti. Abasikho. Ungangena epulpiti likaNkulunkulu ngokuzithoba wena uqobo. Ngena eNdlini yeSinkwa sokuPhila, uJesu Kristu, futhi uphile phakade eBukhoneni baKhe, futhi uphakanyiselwe ezindaweni zaseZulwini kuKristu uJesu, uzondla ngeZwi. Lelo yiBetlehema likaNkulunkulu.

92 Bangaki kithi abakhona okuLo kulokhu ukusa na? Bangaki ozimisele ukukhohlwa amasiko akho, bangaki ozimisele

ukukhohlwa isivumokholo sakho esiphikisana neZwi na? Kungani singenamvuselelo na? Kungani singazitholanga lezizinto zenzeka na? Iyini indaba ngePhentekoste na? Lizihlele lona uqobo. Kunjalo. Ungeke wahlela iPentekoste. Ungayenza inhlangano. Kodwa ipentekoste liyisibusiso, lingaMandla kaNkulunkulu. Futhi uma kuyipentekoste langempela, lingeke neze leqa iZwi ngesivumokholo. Liyothatha iZwi. Kulungile, ngoba lisokiwe ezweni nezinto zezwe. Lihlezi kuphela eZwini likaNkulunkulu, futhi liyaLikholwa. SiseBetlehema, abazongenela uMbuso kaNkulunkulu. Sidla iSinkwa sokuPhila okuPhakade sikaNkulunkulu. Wazalwa, iSinkwa sikaNkulunkulu, owazalwa eBetlehema, ukuba yiSinkwa sokuPhila sokomoya, sokuPhila okuPhakade, endlini kaNkulunkulu. O, he! Wazalelwa eBetlehema, sinjalo, kulokhu ukusa, lapho sizalwa kuJesu Kristu, ngokuba UyiBetlehema likaNkulunkulu. UJesu uyiNdlu kaNkulunkulu yeSinkwa sokuPhila okuPhakade.

93 Yena futhi ungaManzi ethu ohambweni. Manje, siyazi ukuthi UngaManzi. NjengoIsrayeli ohambweni lwabo, kuphakathi kokuthi bashaya idwala nesinkwa sabo sehla sivela eZulwini, kodwa idwala lashaywa ukuze baphuze kulo ukuze bagcine ukuphila kwabo ohambweni. UNkulunkulu washaya idwala, noma waba noMose ukuba akwenze, umprofethi waKhe, washaya idwala. Kwakuyini na? Vula idwala. Uma . . . IDwala lalinguKristu. Niyakukholwa na? Kulungile. Khona-ke uma umprofethi wavula idwala ukuze ukuphila kuphume, khona-ke, uma kuyiDwala namhlanje, sidinga uMoya oNgcwele kumuntu othile ozoshaya emuva eDwaleni, amen, futhi uvumele iZwi liphume, ngoba UyiZwi.

94 Seqele ezivumweni-kholo nokuphuza amanzi angcolile avela emithonjeni. Esikudingayo namhlanje ngukuvulwa kweZwi eliphilayo, futhi Unguye izolo, namhlanje, naphakade. Akehluleki. Bangakubiza ngokufunda ingqondo, bangasho noma yini abayifunayo, noma okhonza imimoya yabangasekho, noma—noma udeveli, inqobo nje uma leloZwi ligeleza ngokukhululekile futhi likhiqiza ncamashi lokho Elathi Liyokwenza, LinguMthombo endlini kaDavide futhi, emuva eBetlehema, lapho lowoJesu Kristu enguye izolo, namhlanje, phakade, kubahlali baKhe baseBetlehema. Phila ngaLo, phila kuLo, ngaManzi ethu okuhamba kokuPhila njengoba uIsrayeli wayenawo.

95 Esinye sezehlakalo zikaDavide ezinkulu zezinkulu, uma ufuna ukufunda ngakho kuSamuweli wesiBili 35:15, ekuqaleni, sifunde lapho ukuthi uDavide, ezalelwa eBetlehema, kodwa nokho waba ngumhambuma. O, ukubona okunje pho! AmaFilisti ayevimbezele ngaleso sikhathi, ezweni, ngoba uSawule, indoda enkulu eyaletha wonke uIsrayeli esonweni, wayesewe waqhela kuNkulunkulu futhi uba

yisitha kuNkulunkulu, futhi waye—wayekade evinjezelwe, amaFilisti ayevimbezele ngaseBetlehema. Futhi uDavide, ezama ukubuyela ekhaya lakhe uqobo, akakwazanga ukukwenza, wayengaphandle ehlane ngoba wayesebe ngumhambuma kubantu, noma, lapho wayesexoshiwe.

96 Isithombe esihle kanje esiyiso sikaKristu namhlanje, umhambuma. Unguye. Manje, wena uthi, "Lokho akunakwenzeka." Awu, uma ukholwa iBhayibheli, kunjalo. IBhayibheli lasho, oNyakeni weBandla laseLawodikeya, ukuthi uKristu wayengaphandle ebandleni, engqongqotha [UMfowethu uBranham ungqongqotha epulpiti—Umhl.] ezama ukubuyela ebandleni laKhe uqobo. Umhambuma yinto enqatshiwe, yaliwa. NeZwi noMoya oNgcwele kwaliwe. Kunjalo. Ungeke ungene lapho. Uma uke waMemukela, uzofanele uphume lapho ukuba uMthole. Ufanele uphume uye kuYe. Akakwazi ukungena. Bahleli kakhulu kwizivumokholo zabo ukuthi ba—bangeke bakuvumele ushumayele lezozizinto, ngeke bakuvumela ukuba ukholwe lezozinto.

Bathi, "Uyakholwa ukuthi Usenguye na?"

97 "O, ngandlela-thize, Usenguye." Manje, lokho akuhlali eBetlehema. Qhabo, qhabo. Lokho ngukuphuza emthonjeni ongcolile, emuva le, isinkwa esidala esesonakele esasiwe eminyakeni eminingana edlule. "Wathini u*Sbani-bani* ngaLo na?" Bangahle ukuba babeqinisile ngosuku lwabo. Lolu ngolunye usuku. Lolu wuSuku lweNkosi! Lona ngomunye unyaka webandla, hhayi owaseFiladelfiya. Lona iLawodikeya. Laliwe, noKristu usebe ngumhambuma ebandleni laKhe uqobo, wafuqelwa ngaphandle. Ungaphandle.

98 Wehlile ngqo futhi wasebenza ngqo phakathi kwabantu, futhi wenza izinto ezifanayo Azenza lapha, ethi Uzokwenza ezinsukwini zokugcina, unikeza izibonakaliso ezifanayo nezinto Athi Uyozenza njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma. Siyakwazi Akwenzile eBandleni lapho.

99 Sibona uBilly Graham, njengoba kwakunjalo. Lezozithunywa zehlela ebandleni lehlelo, futhi zishumayela ezansi lapho, futhi lapho zibabizela ngaphandle, zibatshela ukuba bakholwe iZwi futhi baphume eSodoma.

100 Iqembu lika-Abrahama lalingekho eSodoma, lase livele libizelwe ngaphandle. Buka iNgelosi, lokho Eyabenzela khona phezulu lapho, okwesibonakaliso, ukuthi bazi. Futhi into efanayo ingenziwa, nabantu bathi, "O, awu, ningaKukholwa." Ngani na? Ngani na? Ngenxa yokuthi benze uKristu umhambuma enhlanganweni yabo, bangabangaphandle kakhulu naLo, iPentecostal nawo onke ndawonye. Manje, lelo nje iQiniso ncamashi. Ngiyazi lokho kuyahwaya. Kodwa, lalelani, uma noma yini enga. . . Uma—uma kuyiQiniso, kuyohwaya. Futhi kunjalo. Kuzofanele kube yiQiniso.

101 Manje, manje qaphelani uDavide, ngenkathi ephezulu lapho, uDavide waphupha ngokunqoba kwakhe okuningi okunamandla. Wayesemgedeni, ehlala emuva, futhi kude le kude, cishe amamayela ayishumi nanhlanu ukusuka emzini. Futhi uyenyuka futhi waqaphela lokho lapho, umuzi wakhe uqobo othandekayo lapho ayezalelwe khona, futhi lapho ayegcotshwe khona waba yinkosi, no—nokunye nokunye lapho.

102 Abahlali bakwaIsrayeli, ngalezo zinsuku, babeyinto enjengoba injalo namhlanje eJalimane. Banamadolobha amancane. Bese-ke behlala emadolobheni ukuze bavikeleke, bese-ke bethatha izimvu zabo kanye nemfuyo yabo ngaphandle ezweni futhi bayondle, futhi bayeluse bayibuyisele emuva. Futhi isikhathi sakusihlwa, bayifake ezindaweni ezibiyelwe zemfuyo.

103 Futhi uDavide, ebuka phezu komuzi, waqala ukukhumbula izenzo ezinamandla uNkulunkulu ayezenze ngaye, ukunqoba okukhulu okunamandla ukuthi uNkulunkulu wayenqobile ngaye. Kanjani ukuthi ngolunye usuku ngenkathi wayenezimvu zakhe phezulu lapho ezintabeni lapho ayekhona, ecambalele lapho ngasemadlelweni aluhlaza, kanjalonjalo, nebhere liyangena futhi lathola elinye lamawundlu amancane futhi lalikhipha. Futhi walilandela, futhi wabulala ibhere. UNkulunkulu wamnika ukunqoba ngoba wayeyaliwe nguyise ukuba anakekele lezozimvu. Lowo kwakungowakhe—lowo kwakungumsebenzi wakhe, ukunakekela izimvu!

104 O mfundisi, lowo ngumsebenzi wakho! Futhi zidla uKudla kwezimvu, hhayi izincwadi zezinsuku zonyaka. UKudla kwezimvu, iZwi likaNkulunkulu!

105 Omunye uyangena futhi wathola eyodwa, wagijima waphuma. Omunye uyangena futhi wathola eyodwa futhi wayithatha, wayilandela. Ingonyama iyangena futhi yathatha eyodwa, wayilandela. Wayenganelisekile waze wayithola.

106 Lokho kumnika lokho kunqoba okukhulu ngelinye ilanga, ngenkathi ebona uIsrayeli wonke uvinjezelwe. Niyabo, uIsrayeli wayekade ezwa zonke izivumokholo nakho konke. Babenakho konke, bonke baya esontweni. Bonke babesokiwe. Bonke baya kumpristi futhi bathola izibusiso zabo ngaphambi kokuba baye empini. Kodwa uma sekwehlela kwelamanqamu, kokuNgaphezu kwemvelo, babenjalo, bonke, amagwala, ngoba babone into ethize eyayimelene nabo. Futhi babengenaso isibindi, ba—babengenakho esingakubiza namhlanje, i—igama lasestradini, babengenayo i—i—i "hamba ukuthole." Kwakukhona okuthile okwakushoda. Abakwazanga ukuphumela lapho futhi babhekane nalesosiqhwaga. Ngani na? Kodwa bonke wayebusisiwe ngumpristi. Babenezibusiso ezingcwele phezu kwabo, futhi babekade bekhothamile futhi mhlasimpe babegcotshiwe ngamanzi angcwele, futhi noma ngabe kwakuyini, futhi lapho bonke babemi ngaphandle

lapho. Kodwa lapho abamelene nabo babebakhulu kakhulu, ababanga nakho. Nakho kumi uSawule, umbonisi jikelele noma umbhishobhi, emi phandle lapho, ikhanda namahlombe ngaphezu kwebutho lakhe.

107 Futhi waphosa inselelo, uGoliyati wakwenza, wayesethi, "Uma ngimbulala, khona-ke nizosikhonza. Kodwa uma engibulala, khona-ke sizonikhonza." Kodwa omelene nabo wayemkhulu kakhulu. Wayeneminwe engama-intshi ayishumi nane, lokho bekuyoba ama-itshi angamashumi amabili nesishiyagalombili ukunqamula isandla sakhe. Bukani ukuthi isandla esingakanani ayenaso! Inalithi yakhe—yakhe, inaliti yabathungi bezingubo, njengomkhonto wakhe ayenawo. Futhi cabangani ukuthi ikhanda lakhe beliyoba likhulu kangakanani ikhanda lakhe, licishe libe ngangobhavu. Futhi bekuyoba ne—isigqoko sokuvikela, i-intshi noma amabili ubugqinsi, sethusi, silenga phezu kwekhanda lakhe. Buka izikhali, izingxenye zezikhali njengeyodwa yalezi yalamawindi angamawindi ahambisanayo, lapho wayengaphefumula futhi azinyakazele, yileyondlela izikhali ezazisebenza ngayo. Nejazi elikhulu lensimbi lilenga kuye, kungahle ukuba lalisinda amaphawondi ayikhulu, noma amaphawundi angamakhulu amabili, ethusi, elenga phezu kwesifuba sakhe. Ne—nenalithi, umkhonto esandleni sakhe, mhlawumbe amafidi angamashumi amathathu nanhlanu ubude.

108 Lokho isitha esingakwenza uma ecabanga ukuthi unezinqaba kuwe! Lokho acabanga ukuthi angakwenza, ukuthi uzoziqhayisa kanjani! "Izinsuku zezimangaliso sezedlule. Ngeke ukwazi ukudlula nento enjengaleyo."

109 Kodwa nakho kuvela umfo ubukeka ebomvana omncane ayengakaze abe nesipiliyoni sesayense yezenkolo, kodwa wayenesipiliyoni ukuthi uNkulunkulu uselokhu enguNkulunkulu. UNkulunkulu ugcina iZwi laKhe. Futhi nangu uyenyuka. NoSawule wathi, "Linda, ngizo—ngizokunika isiqu sobuciko."

110 Wafaka isigqoko sokuvikela kuye, futhi sahamba, samdonsela phansi. Wayengazi lutho ngalokho. Wathi, "Angazi lutho ngalolohlobo lwezinto." Wathi, "Angazi. Kodwa ngazi into eyodwa, ukuthi niyesaba yini ukuyolwa nalesosiqhwaga na? Futhi nimi lapha bese nizibiza ngeBandla likaNkulunkulu ophilayo, futhi nivumele lowo ongakholwa ongasokile ame phandle lapho futhi aziqhayise kanjalo na?" Wathi, "Ngizoyokulwa naye!"

111 O, sidinga indoda enjengaleyo namhlanje, indoda eke yaba nesahlakalo!

112 Wenzani, wenzani uDavide omncane waseBetlehema na? Waphumela lapho ukulwa nesiqhwaga. Isiqhwaga samthuka egameni lonkulunkulu baso, onkulunkulu, ubuningi, samthuka

egameni eziqhwaga zaso, noma onkulunkulu baso, futhi waphumela lapho wayesethi, "Namhlanje ngizokuthatha ngomkhonto wami futhi ngizolengisa isidumbu sakho phezulu lapho emthini bese ngiyekela izinyoni zisidle."

113 Wathi, "Uza kimi njengomFilisti, egameni lomFilisti, ngezikhali nomkhonto, kodwa ngiza kuwe eGameni leNkosi uNkulunkulu kaIsrayeli." Kwakuyini na? IZwi! IZwi, "Ngizoza kuwe ngeZwi." Wathi, "Namhlanje ngizonquma ikhanda lakho lisuke emahlombe akho." Lesosiqhwaga sahleka futhi sathathela kuye. Futhi uDavide akazange ahlehlele emuva, wathathela kuye, naye. Kunendawo encane eyodwa kuphela, noNkulunkulu waqondisa idwala lakhe.

114 UDavide, elele phezulu lapha njengomhambuma, wayecabanga ngalokho, ukuthi lokho kunqoba kwakukukhulu kanjani. Khona-ke kumele ukuthi wacabanga ngamahubo, ukuthi kanjani ngezinye izikhathi phandle lapho ezintabeni wayecambalala futhi ecabange ngoNkulunkulu. Wathi ubophele imiyalo yaKhe emasekweni naseminweni yakhe—yakhe, nanoma yikuphi lapho ehamba khona. "Ngangihlala njalo ngineNkosi phambi kwami, njalo, futhi angiyikuzanyazanyiswa." Wagcina uNkulunkulu engaphambili kwakhe. Nokunqoba okukhulu ayenakho! Lapho ethola khona ukuphefumulelwa kakhulu, wayengumhubi, wayeyogxuma futhi athathe ipeni lakhe bese ebhala phansi amahubo futhi awahube. Wayengena eMoyeni, futhi asine futhi asine futhi asine eMoyeni. Ukuthi wayethatheka kanjani eMoyeni, wayesina eMoyeni ngokubhala lamahubo. Futhi kufanele ukuthi wafika phezu kwamahubo ahlukene, "INkosi inguMalusi wami, angiyikweswela. Ingiholela emadlelweni aluhlaza," iHubo 23, "Ungiholela ngasemanzini athule. Ubuyisa umphefumulo wami. O, Ungiholela ezindleleni zokulunga ngenxa yeGama laKhe. Futhi, yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi. Ngokuba Wena unami."

115 Futhi njengoba ecabanga ngalezozinto, kufanele ukuthi kwakulusuku olushisayo, womiwa, eshisa futhi ejuluka. Wayengabuka ezansi esigodini kusukela esiqongweni sezintaba, ohlangothini lwasempumalanga noma ohlangothini lwasentshonalanga, noma ohlangothini lwasempumalanga yilo, lomuzi, ngenkathi ebuka ezansi futhi wabona lapho wonke amaFilisti onke ephansi lapho, izinkulungwane zawo zivimbezele nxazonke. Ubone lowomthombo omdala ake aphuza kuwona. O, uqala ukucabanga ngokusa ngenkathi ethatha izimvu zakhe, uphumela uku—ukuzondla, wayeyodlula ngakulomthombo omdala, ngoba wawuyindawo enhle yamanzi. Bese kuthi-ke wayeyoya lapho futhi ephuze amanzi, futhi aphuze, aphuzise izimvu zakhe. Yeka lapho eBetlehema, lapho aphuzisa khona izimvu zakhe.

116 Yilapho kanye uNkulunkulu ephuzisa khona izimvu zaKhe futhi namhlanje, emuva ngqo eBetlehema, NgaManzi apholile afreshi.

117 Wamemeza wathi, "Ukuba kuphela bengingaphuza kulowomthombo futhi!" Ngizovala manje, lalelisisani. "Ukuba kuphela bengingaphuza!" Ingaphakathi lakhe wamemeza, "Uma ngingase kuphela ngiphuze kanye futhi kulowomthombo eBetlehema." Izifiso zakhe zaziyimiyalo kulabo abamthandayo. Khumbulani, umphefumulo wakhe wawukhalela ukuphuza lawo manzi. Futhi labo abamthandayo, isifiso sakhe esincinyana sasingumyalo. Satshelwa ukuthi omunye wa . . . amathathu alawo madoda ahlangana ndawonye, amadoda amakhulu. Enye yabulala amakhulu ayisishiyagalombili, iyodwa. Enye yagxumela emgodini futhi yabulala ingonyama. Enye yathatha induku futhi yashaya umkhonto wasuka esandleni somGibhithe, yambulala ngomkhonto wayo uqobo, futhi yama ensimini yembumba kanjalo, yabulala amakhulu amathathu ngakuyo. Amadoda amakhulu! AyengabeZizwe. Buka lapho evela khona.

118 UDavide lapha ufanekisa uKristu, iBetlehema, ngoba uKristu uyiNdodana kaDavide. Nangu umi lapho, ekhalela ukuphuza lawomanzi. Futhi isifiso sakhe sasiwumyalo, ngathi, kulabo abamthandayo. Amathathu alawomadoda ahosha izinkemba zawo futhi alwa amamayela ayishumi nanhlanu amadoda, ezansi ukuya kulowomuzi. Ngesikhathi abanye belwa ukugcina . . . Lawo kwakungamadoda alwayo angamaqhawe, lawomaFilisti, ubukhulu bawo okuphindwe kabili, amanye awo. Kodwa ayengamadoda, amaqhawe, ayekwazi ukulwa. Enye yawo yabulala, yama iyodwa vo, futhi yabulala amadoda angamakhulu ayisishiyagalombili ngqo ngakuyo, ngosuku olulodwa. Ayengamadoda amakhulu, amethemba uNkulunkulu. Ayenokwethemba kumholi wawo. Futhi aphendla indlela yakhe eya ezansi, kwaze kwaba yilapho amanye awo esika nenye ithola ibhakede lamanzi, futhi aphendla indlela yabo ebuyela emuva amanye amamayela ayishumi nanhlanu amadoda, futhi anyusela lawo kuDavide ukuze awaphuze.

119 Lapha uKristu umelelwe lapha kulokhu, kokubili iNkosi neQhawe, ngoba Waphendla indlela yaKhe. Unqamule izintambo zesitha zokufa. Waphula izintambo zesitha, ukuthi, awu, sifanele sibe nokuPhila okuPhakade, aManzi okuPhila okuPhakade. Ufika ngisho nasekufeni, futhi wathatha wazethwesa ukufa Yena uqobo, futhi wafa ukufa, futhi uyabuya ukuze sibe nokuPhila okuPhakade. Uyikho kokubili iNkosi neQhawe. Asinqobanga, sekuvele kunqotshiwe! Asizange sikunqobe ukufa, Wasinqobela ukufa! UnguDavide wethu walolusuku. Wanqoba ukufa. ISinkwa naManzi kwaseBetlehema.

120 IBetlehema laliyisizinda. Nina zazi zomlando niyakwazi lokho, ukuthi laliyisizinda. Kwakuyizwe elikhulu likakolweni

phakathi lapho, ekuniseleni ngenkasa nezinto. Babengaba nezitshalo ezinkulu zikakolweni. Kanti futhi ngamanzi adlula onke. Laliyisizinda sesinkwa nesizinda samanzi sasePalestina.

121 Futhi namhlanje, kungakhathaleki ukuthi zingaki izinhlangano esinazo, bangakanani abanye ababizwa ngabazalwane, futhi, okungukuthi, bangahle babekhona, namanje uKristu uyiBetlehema lekholwa. Uyindawo yeSinkwa naManzi. IMethodisti, lokho kuhle kuwe; lokho kuhle kini maBaptisti, nina maPentecostal, nina nonke. Konke yindawo eyodwa, lelo yiBetlehema. Yilapho iSinkwa naManzi okuPhila evela khona. Yebo.

122 Lapha UyiSinkwa sethu, iSinkwa sikaNkulunkulu naManzi kwethu. Uyisizinda, indawo kuphela ongeza kuyo futhi uSithole, kuvela kuYe. INdlu kaNkulunkulu, kumuntu kaJesu Kristu, iBetlehema lethu, iSinkwa naManzi okuPhila okuPhakade. Futhi UyiZwi elenziwe inyama. Nali iZwi, iSinkwa naManzi okuPhila. AmaHebheru 13:8 athi, "Unguye izolo, namhlanje, naphakade." Lokho kuMenza abe iBetlehema lethu, indawo yethu yeSinkwa naManzi, indawo kuphela yokuPhila okuPhakade.

123 Qaphelani uDavide, ekutholeni amanzi, akazange awaphuze. Wathi, "Yala Nkulunkulu. Leli yigazi lalamadoda abeke izimpilo zawo engozini," ukuphuma nokumlethela lawomanzi. Qaphelani! Wawathululela emhlabathini, ukuba abe umnikelo wokuphuzwa kuNkulunkulu. Amen! Madoda nabazalwane, vusani ukholo lwenu umzuzu nje manje. Wenqaba ukuwaphuza, yena ngokwakhe. Wawathululela emhlabathini, ukuba kube umnikelo wokuphuzwa ku—kuNkulunkulu.

124 Kufaneleka kanjani lokho kuJohane 3:16, lapho uNkulunkulu athanda khona izwe kangaka ukuthi Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa. UJesu, iNkosana yokuPhila, iza lapha, ayidingekanga ukuba ife. Yanqoba ukufa qobo lwaYo, futhi yathululela iGazi lokuPhila kwaYo uQobo emhlabathini, amen, njengomnikelo wesono sethu. UyiDwala lethu elishayiwe. Phezu komhlabathi, iGazi laKhe eliligugu elanikezwa nguNkulunkulu.

125 Ngizwe othile ethi ngobunye ubusuku emlayezweni, esho ukuthi bafikela uku. . . Ngikholwa ukuthi kwakunguBilly Graham, ebusuku obedlule, bengimbhekile lapho esho ukuthi waya kwaIsrayeli futhi wangena ePalestina, futhi wathi, "Ngiza ukuzokholwa abantu bakho," into ethize ngaleyondlela. Futhi ngimazise ngempela njengoba evele kulolohlelo lwezwe ngobusuku obedlule. Abaningi benu bayalile indoda ngokwenza lokho. Kodwa, bukani lapha, wafika ngaphambi kwesizwe sonke ngaleso sikhathi. Futhi akazange akuhoxise, wama khona ngqo kulokho ayekukholwa. Futhi ngokuqinisekile ngiyamazisa ngalokho. Wayesethi, "Ngaya kwaIsrayeli futhi ngabatshela,

'Ngikhonza omunye wabaNtwana benu,' ngamanye amazwi, kanje."

126 Ngacabanga, "Billy, lokho kuyamangalisa. Ngingathanda ukubona lawomandla anikezwe nguNkulunkulu onawo ukuba ume lapho phakathi kwabo bonke lobobukhazikhazi beHollywood futhi nginike ubufakazi ngoJesu Kristu, kodwa Wayengesilona iJuda." UJesu wayenguNkulunkulu, hhayi iJuda. Khumbulani, ingqamuzana legazi livela kubulili besilisa. Futhi Wayengesiyena owomuntu, iJuda noma oweZizwe, WayenguNkulunkulu edalwe enyameni. Asisindiswa ngegazi leJuda noma igazi loweZizwe, sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu, engasilele ngalutho. Wayengesilo iJuda noma oweZizwe. IGazi likaNkulunkulu elinokudala kuYe, siba . . . Ukuba WayeyiJuda noma oweZizwe, sonke silahlekile. WayenguNkulunkulu enyameni. Kunjalo.

127 Angilikhonzi iJuda, ngikhonza uNkulunkulu lapho ngikhonza uJesu Kristu. Angikhonzi enye inganekwane noma uhlobo oluthile lokomlando. Ngikhonza uJesu Kristu, uBukhona bukaJesu Kristu khona manje, okuyiZwi laKhe elibonakalisiwe kulonyaka.

128 UNkulunkulu kuwo wonke unyaka wabele iZwi laKhe kusukela ekuqaleni, futhi ngaso sonke isikhathi lapho omunye waleyo minyaka idlula khona, uNkulunkulu uthumela phansi umprofethi ogcotshiwe walowo nyaka. Ezinsukwini zikaNowa, izinsuku zabo bonke, ngenkathi Enza izithembiso. Angikhathali ukuthi hlobo luni lwesimo ibandla elingena kuso, Uhlala njalo enza lokho, Uthumela indoda egcotshiweyo. Ngokuba iZwi leNkosi liza kubaprofethi. Futhi nangu emi lapho, umprofethi ngamunye, futhi walahlwa yizinhlangano zalolosuku, kodwa wema eZwini futhi wenza iZwi liphile.

129 UJesu wayengukugcwala kweZwi likaNkulunkulu, ngoba Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, futhi kuYe kwakuhlala ukugcwala kukaNkulunkulu. UNkulunkulu waphila kuJesu Kristu. UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Kungesilo iJuda noma oweZizwe, kepha uNkulunkulu! Nango Emile, ezenza Yena uqobo. Kufaneleka kanjani! Futhi iGazi likaNkulunkulu uQobo lalifanele lichitheke phezu komhlabathi, kusukela egazini elingenacala lika-Abela kwehle, ukusihlenga. Akazange athathe ukuphila kwaKhe uqobo, Akazange abambe ukuphila kwaKhe uqobo; Wathi, "Baba, kungenzeka yini lenkomishi yedlule kiMi na? Kodwa, noma kunjalo, hhayi intando yaMi, eyaKho mayenziwe." Uvumela iZwi.

130 Namhlanje singenza into efanayo. Kuphakathi kokuthi ungathatha izivumokholo zakho, uthathe *ukuthi-nokuthi* kwakho, bese uya nomaphi lapho ufuna khona nakho; kodwa ungathi, "Akusiyo intando yami, kepha mayenziwe

eyaKho." Buyela kuleloZwi likaNkulunkulu. Thatha ubulivilivi bakho noKhisimusi futhi wenze lokho ofuna ukukwenza ngakho. Kodwa nginike uJesu Kristu enhliziyweni yami, kungakhathaleki ukuthi Kuthobeke kangakanani, nokuthi abantu baKuhleka kanjani, noma yini ngaKho. Qaphela—qaphela imvelo yakho, bheka uma kwenza njengoba nje Enza. Uma kungenzanga, futhi akuqhathaniseki naleliZwi, kushiye, akusuye uKristu; ngoba uKristu uyiZwi.

131 Manje sithola ukuthi kwakufanele kanjani, iDwala lethu, elishayiwe, UkuPhila kweGazi laKhe kwathululelwa emhlabathini, umnikelo wesono wesoni. IBetlehema lethu, aManzi, iSinkwa nokuPhila, okunikelwe ekuhlanzeni thina zoni ezingahlanziwe.

132 O, mngane wami oyisoni, ungala kanjani, ngobuwula okungaka, umnikelo onje pho, lapho uNkulunkulu anikela khona ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, umnikelo wesono, ukuthi wonke okholwa kuYe, kuYe, akayikubhubha kodwa abe nokuPhila okuPhakade? Ungena kanjani kuYe na? NgaMoya munye sonke sibhaphathizelwe eBetlehema elilodwa, iZwi likaNkulunkulu, okunguKristu ebonakalisiwe kulo nyaka.

133 Futhi sonke isethembiso iBhayibheli elisinikezayo salonyaka, Ulindele omunye umprofethi ukuba avuke enkundleni ukuze abonakalise lokho, Wekwethembisa ngokukaMalaki 4. Kuzokwenziwa. Kungenandaba ukuthi abantu bacabanga ngobuwula kanjani, kuzokwenziwa noma kanjani! UNkulunkulu washo njalo! Unamandla kulawa matshe! Izivumokholo zethu ngeke zakwemukela, uma amabandla ethu engekwamukele, uNkulunkulu angabuyela esitebeleni, Angaya noma yikuphi lapho Afuna ukuya khona. Kodwa kuyoba khona othile ukumela leliZwi elakhulunyelwa lolusuku. Okuthile kufanele ukuLibonakalisa. Ngeke kwaba yiqembu, noma, akukaze libe khona.

134 O madodana, maqhawe, njengoba sengivala. Angifuni ukunigcina lapha isikhathi eside. Ngizovala khona manje, iNkosi ithanda. Imizuzu emihlanu kushaye eleshumi nanye, noma imizuzu eyisithupha, njalo. Qaphelani, O madodana angamaqhawe, wena ndoda lapha ozisho ukuthi uyindodana! Ubukwazi uDavide ayekumele na? UDavide wayemele uKristu, Wayemmele, uKristu wayeyiNdodana kaDavide. Manje lalelani, ekuvaleni. Lawo maqhawe angabeZizwe, amaningi awo, qaphelani avela ezindaweni zonke, kodwa ayazi ukuthi lowomhambuma wayegcotshiwe. Ayazi ukuthi uDavide wanqatshwa ngabantu bakhe uqobo, kodwa bayazi ukuthi ugcobo lwalukuye. Babekwazi ukukubona. Ngakho bama ngqo ngasohlangothi lwakhe, bafe noma baphile! Babengamadoda angamaqhawe, akunandaba ukuthi izwe langaphandle alikukholwanga kangakanani.

135 Abantu bakhe uqobo bamxosha. Babengafuni lutho ngaye. USawule wamxosha, inhloko yehlelo yamxosha, futhi abazihlanganisi ngalutho nakho, umkhandlu wamxosha, futhi waba ngumhambuma. Kwadingeka baye lapho ayekwazi khona. Nango wayephezulu ezintabeni, kodwa kwakuneqembu elincane lamadoda, labeZizwe nokunye nokunye, kulungisiwe, ukuthi babuka leyondoda futhi bazi yayizoba yinkosi.

136 Kunjalo nanamhlanje ngamasosha angamaqhawe okholo ngempela aleloZwi, elaziyo ukuthi iZwi lithembisa ukuthi uJesu Kristu uzobuya. Asinantshisekelo ezigidini zamadola za*lokhu* nezigidi zamadola za*lokho*. Ngishisekelele ekubuyeni kukaKristu uJesu. O madodana angamaqhawe kaNkulunkulu, yini indaba ngani, nima kanjani namhlanje na? Uma sibona ukuthi iBhayibheli libikezela ukuthi Ungumhambuma namhlanje, waphendukelwa ibandla laKhe, waphendukelwa izinhlangano. Futhi niyakwazi. Asikho isidingo sokuzifihla ngakho, kuyiqiniso. IBhayibheli lathi kuyoba ngaleyondlela. Phumani kulezozimpawu zesilo!

137 Bukani lamadoda! Ahosha izinkemba zawo. Kwakuyini na? Isifiso sakhe kwakungukuphuza amanzi apholile. UDavide! Isifanekiso esinje sanamhlanje, uDavide wethu, uKristu, siyazi ukuthi Ubizwa ngomgingqiki ongcwele, Ulahlelwa eceleni, uhlanya kukho konke, waliwa amabandla. Anezivumokholo zawo nezinto zikhishiwe kuloKhisimusi njengoba benza kowokuqala. Siyakwazi lokho, kodwa siyazi ukuthi leliZwi lihlale liyiqiniso, futhi Lifanele ligcwaliseke. Futhi isifiso sikaKristu singamadoda, amaqhawe, ukuba ame! Amen!

138 O, wozani, nime nami, ngasohlangothini lwami. Ngimi endaweni esabekayo. Ngiphosela inselelo namhlanje! Lamateyipu awela emhlabeni jikelele. Ngiphosela inselelo indoda ethile, elinye iqhawe elithanda uJesu Kristu, elaziyo ukuthi lezizinto zizofanele zigcwaliseke namhlanje, bazalwane, wozani nime ngasohlangothini lwami bese nidonsa iZwi likaNkulunkulu. Khohlwani yileyomithombo eyomile namahlelo angcolile enihlala kuwo. Donsani amaZwi likaNkulunkulu afreshi, ake sinike uJesu isiphuzo esihle saManzi epentekoste afreshi! Leso yisifiso saKhe namhlanje, ukubuyela epentekoste lasekuqaleni, ukubuyela eZwini! Kuprofethiwe ukuthi siyokwenza njalo, kuMalaki isahluko 4, "Buyisela uKholo lwabantwana lubuyele koyise futhi." Ubani obezoma kulokhu ukusa na?

139 NjengoDavide, siyazi ukuthi uDavide uzobusa. UJesu Kristu uzothatha umhlaba. Udla ifa lomhlaba, Uzoba yiNkosi phezu komhlaba. Waliwe namhlanje, Ungumhambuma phakathi kwabantu baKhe. Yiqiniso, Ungumhambuma ezweni, njalo. Kodwa namhlanje Ungumhambuma ebandleni laKhe uqobo, baYamala, bathanda izivumokholo zabo nezikhulu ezinkulu esikhundleni seZwi. Ngeke baMvumela ukuba abonakaliswe.

Ngeke baMvumela ukuba ashunyayelwe emandleni aKhe. Baziqhelanisile naLo, njengoba nje iBhayibheli lasho ukuthi bayokwenza kwiSambulo 17. Banzani na? Bakhuphukeka lapha namhlanje, nakho konke ukungena kuloMkhandlu wamaBandla. UbuKatolika nobuProtestani buhlangana ndawonye, kwenza uphawu nomfanekiso kuso isilo. Futhi amaProtestani awela ngqo kukho, amaPentecostal yonke indawo. Izikhulu zingena eRoma, zisuka ePhentekoste, futhi zibuya, zathi, "Indawo eyangokomoya kakhulu!" Futhi eTexas nakuzo zonke ezinye izindawo, bayaphawula futhi banikeze ukuqonda ngezindawo zokulindela nokunye nokunye, bazi ukuthi lezo izivumokholo ezijovelwe kuleliZwi.

140 O, nina bahlali baseBetlehema! Haleluya! Ngibiza amadoda, amaqhawe elingesabi. Angikhathali uma kukhona amakhulu ayisishiyagalombili amile ohlangothini olulodwa nezinkulungwane ezilishumi ngakolunye, ngifuna amaqhawe azoza nami futhi asike avule imbobo kulomugqa walamaFilisti angakholwa uMkhandlu woMhlaba onawo uvinjelwe ngaseZwini likaNkulunkulu, uzama ukukwenza izivumokholo nokondla abantu. KuneSiphethu, kunoMthombo ovulekile eNdlini kaDavide, eBetlehema, ukwenzela isono nokungcola. Mfowethu, isono ukungakholwa eZwini laKhe!

141 Iliphi iqhawe elingabona ukufika kwemiNyaka eyinkulungwane na? Yiliphi iqhawe elingabona loMoya oNgcwele omkhulu ufika esimweni sikaJesu Kristu, umzimba wangempela kaKristu ukuba ulawule futhi, ume nami. Yimani ngakimi! Masisike imbobo idlule kulesisivumokholo sehlelo. Ake singene lapho! Ukhalela isiphuzo esihle esifreshi saManzi epentekoste, ipentekoste lasekuqaleni, hhayi isigejane sokuqhubeka, umemeza, ukumpompoloza, lapha. Ngiqonde umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wangoqobo oveza ukuPhila kukaJesu Kristu kubuyele kumuntu.

142 Ngithetheleleni uma nginilimaza. Qhabo, ningakwenzi. Ngenza lokhu eGameni leNkosi uJesu. Buya! Yima, wena ndoda enesibindi ebona uDavide emi laphaya! UJesu Kristu, umhambuma ebandleni laKhe, evinjezelwe ngaphandle ngezivumokholo zabo. KunoMthombo ofreshi olenga laphaya. Amen. Kunamandla okwenza leliZwi liphile futhi, kuprofethiwe ngalolusuku ukuba kufezeke. UNkulunkulu wathi kuzofezeka. Kufanele kufezeke. Awusoze wakwenza embuthweni okuwo njengamanje. Uvinjezelwe wena, iPentekoste, nxazonke nazo zonke izinhlangano, zinquma zingene kwisivumokholo.

143 O madoda kaNkulunkulu, iphi leyoNkemba na? INkosi ifisa isiphuzo esifreshi. Angikhathali uma kungukuphila noma ukufa, asisike sidlule kulento. Kunzima kakhulu ukuzimela ngokwakho. Ngibiza amadoda ukuba ame ngakimi, ame neZwi! Lokho leloZwi elikushoyo, kwenze nje ngendlela iZwi elikusho ngayo. Angikhathali ukuthi enye into ithini,

Lihlalise ngaleyondlela, ngokuba Yiyonanto kuphela ezosika. Masifinyelele eBetlehema, aManzi eqiniso kaNkulunkulu.

144 "Uma umuntu ehlala kiMi naMi kuye, uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini." Ukuhlala, hhayi nje ukugxuma usuka endaweni uya endaweni, futhi ushintshanisa ikhadi lakho lenhlanganyelo usuka kokamunye uye kokambili nokamthathu, futhi ubuyele kwiPresbyterian, iLuthela. "Nihlala kiMi," futhi UyiZwi, "AmaZwi aMi ahlala kini! Ungesabi ngamakhulu ayisishiyagalombili noma izigidi eziyisishiyagalombili. Ngizoma ngasohlangothini lwakho. Ngifisa ukuphuza kulowoMthombo futhi."

145 UNkulunkulu uzoba nabantu abayophuza kulowoMthombo! Haleluya! Ungahle ucabange ukuthi ngiyahlanya, futhi mhlawumbe nginjalo, khona-ke ngihlanya ngoJesu Kristu neZwi laKhe. Uma kufanele ngibizwe ngesiwula, mangibizwe ngesiwula seZwi laKhe. Angikaze ngimelane nalawomadoda kulezo zinhlangano. Ngimelene naleyonqubo evimbela ngaphandle iZwi likaNkulunkulu. Ake sisike, maqhawe. Yimani ngakithi. Masiye kulowoMthombo. UyiBetlehema lethu.

146 Lemithombo emidala, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba uhlela manje. Masibuyisele iZwi likaNkulunkulu elifreshi, hhayi ihlelo. Masingasithathi isizumokholo, leyomithombo emidala engcolile eyawa eminyakeni engamashumi amane edlule, iminyaka engamashumi amabili edlule, iminyaka engamashumi amathathu edlule, noma mhlawumbe ngonyaka odlule. Ngifuna iZwi likaNkulunkulu elithenjiselwe namhlanje. Leso isiphuzo Afuna ngibe naso, leliZwi namhlanje! YiBetlehema elincane, linqatshiwe.

147 Kunjalo, ngiyazi, kufana nje, ucabanga ukuthi, "Awu, uma owami . . . " Yebo, kunjalo, babecabanga ukuthi Wayefanele azalelwe eJerusalema. Babecabanga ukuthi Wayefanele azalelwe lapho izinhloko zabo zamahlelo zazikhona. Kodwa Waphendula ngakho konke lokho. Ufika egameni iBetlehema, ngokuba yilokho Ayeyikho. Haleluya! Akafikeli iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian noma amaPentecostal. Ufikela uMlobokazi, uJesu Kristu. Yilowo Afikela yena. Kungabonakala kuxakile kuwe, kodwa Likholwe!

148 Niyabo, lezi zinhlobo, zingeze ngenye indlela kodwa ngeZwi. Yiyona ndawo kuphela Ayengazalwa ngayo, ingalelo Betlehema. Yingakho kwakufanele kube yileyo ndawo encane ethobekile. Yileyo ndlela okufanele ibe ngayo kulokhu ukusa, kufanele kube ngendlela efanayo ngeZwi elithenjisiwe. Yebo, mnumzane. UMkhandlu wamaBandla wamaFilisti manje uhlela, wavinjezelwa yonke indawo ngaseBetlehema lethu. NgakuloKhisimusi, bavimbezele ngapho, yonk'indawo, konke kuhlotshiswe ngobulivilivi bezwe. "O, sizoletha ukuthula emhlabeni." UPapa uLuther, uJohn, noma ngabe ngubani

igama lakhe, uzohlangana ndawonye, nabo bonke ababhishobhi abakhulu bebandla, uMkhandlu Ohlangene wabaBandla noMkhandlu woMhlaba konke kuhlangana ndawonye. Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na? Amen!

149 KunoYedwa kuphela ongahamba naye, lowo nguJesu Kristu. Ungahamba kanjani—kanjani naYe na? Uma uvumelana nokuthi UNgubani, iZwi! Ungakuvumeli lokho kukushiye.

150 Angikhathali ukuthi banobulivilivi obungakanani, "Uzofanele wenze *lokhu* noma bebeyovala ibandla lakho onalo." Angikhathali ukuthi bavala ini, futhi akuhlangani neze neZwi. Yebo, mnumzane. Uyaphi na? Ncamashi nje lokho iZwi elakusho ukuthi wawukwenza, kubuyela ngqo emuva, bonke begqoke ubuluvilivi bezwe, nazo zonke izinhlobo zezithembiso zezwe, kodwa kuqhelelene neZwi ngamamayela ayizigidi. Nakho namhlanje, uKhisimusi futhi, ukusigcina esithembisweni seZwi. Kodwa Liyogcwaliseka. UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulamatshe. A, ezama ukugcina abangempela, abahlali beqiniso baseBetlehema baqhele ekuPhileni okuPhakade, leyo inhloso yabo.

151 Vukani, nina madodana namaqhawe, masisike sibuyele eBetlehema lethu lasekuqaleni! Khumbulani lapho uDavide efika esihlalweni sakhe sobukhosi. Lamadoda ama ngakuye ngoba wayazi, babazi ukuthi wayeza esihlalweni sobukhosi. Babazi ukuthi uDavide wayezoba sesihlalweni sobukhosi, kungenandaba ukuthi walahlelwa ngaphandle kangakanani. Wayengumhambuma omubi kunabobonke ezweni. Futhi likanjalo iZwi likaNkulunkulu leqiniso, kulokhu ukusa, Lingelangaphandle ezinhlanganweni. Bukani abakwenzile. Lokhu kubonisa khona ngaphambi kwenu.

152 Abantu bazama ukuthi, "Mfowethu Branham, uqwaqwada ibandla." Ngiqwaqwada lezozinqubo. IBandla nguJesu Kristu, hhayi inqubo.

153 Futhi namhlanje, bukani abakwenzile, bukani abakwenzayo. Futhi ungakubona abakwenzayo, bazama ukugcina abantu besukile kuLelo. Bavimbezela abaningi nabaningi ngakulowoMthombo, ukuze baqiniseke ukuthi akekho ozophuza kuWo. Kodwa, O maqhawe kaNkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzofika ngolunye usuku esenkazimulweni, ngikholelwa ukuthi Uyofika futhi ahlale esiHlalweni sobukhosi sikaBaba waKhe uDavide. Nakuba Engumhambuma, iZwi laKhe kulokhu kusa, linqatshwe ngabantu baKhe uQobo njengoba uDavide wayenjalo, izinhlangano zala iZwi laKhe, zala, ngenkathi uNkulunkulu efika futhi eqinisekisa iZwi laKhe elimsulwa. Ningangitsheli! Iminyaka, ukunqamula izwe, futhi baqhubekela phambili, bayaqhela kuLo ngaso sonke isikhathi.

154 Ngathi ngolunye usuku, ngoJacqueline Kennedy, kukangaki nginikhuza nina besifazane ngokugunda izinwele zenu, ukuzipenda, nina besifazane bePentecostal nigunda izinwele zenu, okungukuthi uNkulunkulu wathi nguwe—wena—uzenza wena i—isifebe sasemgwaqeni lapho ukwenza. Futhi, ngokukaNkulunkulu, umyeni wakho akasenalo ilungelo lokuba ahlale nawe futhi. Owesifazane ogunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe, okuyindoda yakhe. Yilokho ncamashi. Ngithini ngakho na? Futhi ningibizela ngaphandle kukho, ngithola izincwadi amaletha, "Wena omdala ongahlahlile ekhanda." Kulungile, babiza uEliya ngento efanayo. Babiza lonke iZwi likaNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi lapho iZwi lenziwa khona, baLibize.

155 Omunye wathi ngolunye usuku, "Ngani, sikukholwa ukuthi ungumprofethui."

156 Angikaze ngikusho lokho, angikusho. Angisuye umprofethi, ngiyinceku kaNkulunkulu lapha ezama ukukutshela iQiniso. Yilokho kuphela. Ake nginitshele, iZwi likaNkulunkulu limelela lokho! Wathi, "Amadodakazi aseZiyoni, igatsha elaphunyuka ngalolosuku lakho konke ukonakala, kuyoba inkazimulo emehlweni eNkosi." Sika udlule, besifazane, unendawo yakho yokusika udlule, iHollywood yezwe nemibukiso yezithombe, nayo yonke lento yethelevishini ozama ukusika iphethini emva kwayo, uzigqokise ngokukhanukisanayo esitaladini.

157 Futhi omunye wathi, "Ngani, abantu bafuna ukuba ubafundise ukuthi wamukelwa kanjani uMoya oNgcwele nokuthi utholwa kanjani . . . "

158 Yisho ukuthi unoMoya oNgcwele, bese uphika iZwi na? Impilo yakho uqobo ifakazela ukuthi awunaWo. Niyabo? Manje, angidiniwe, nginitshela nje okuliQiniso. Zibuke bese uyathola. UPawulu wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini ifundisa noma yini enye, mayiqalekiswe," kwabaseGalathiya 1:8. Kunjalo.

159 Bekungathiwani uma uJacqueline Kennedy . . . Wayibeka indlela yabesifazane ngakho konke lokhu kugunda izinwele zibe yinkimbinkimbi nezinto abanayo, zonke lezizingubo ezikhanukisayo, futhi njengezingubo zobumama nezinto. Wonke owesifazane ezweni ufuna ukuzigqoka, nina maPentecostal, futhi. Bukani, uJacqueline Kennedy akakaze awuzwe uMlayezo onjengalo. Ukube wayeWuzwile, ngahle ukuba waphenduka esikhathini eside esedlule. Kodwa nina besifazane bePentecostal niyaWuzwa, imihla namalanga, nasekuqaleni nasekupheleni konyaka, futhi namanje anenzi lutho ngakho! Haleluya! UNkulunkulu uzokhathala ngolunye lwalezi zinsuku! UNkulunkulu uzokhathala. Awu, ngiyazi ukuthi nicabanga ukuthi ngiyahlanya. Qhubeka, kulungile. Bacabanga lokho konke ezansi kudabule eminyakeni lapho iZwi . . . Niyabo?

160 O maqhawe, hoshani leyoNkemba, masimele konke iNkemba ekumele! Masifinyelele kulowoMthombo lapho kukhona khona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni kaImanuweli. Hhayi iJuda. Imithambo kaImanuweli, uNkulunkulu enathi, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala kusuke lonke ibala azo lecala lazo.

161 "Futhi kuyakuvela uMbusi eBetlehema oyakubusa abantu baMi." UMoya oNgcwele namhlanje ubusa phezu kwabantu, futhi uMoya oNgcwele uyiZwi. Ngabe kunjalo na? Manje, ekuvaleni, ngenhlonipho yokuzithoba. Ubusa abantu. Kungenandaba ukuthi ucabangani; wena hambisana neZwi. Uma ungakwenzi, uMoya oNgcwele awukho lapho; ufakazelana nobufakazi bakho uqobo, akunandaba ukuthi uthini. Ubungagxuma uye phansi naphezulu, ukhulume ngezilimi, futhi ugijime kulolonke iphansi lendlu, uselokhu unezinwele eziphunguliwe futhi wenza izinto ozenzayo; lifakaza ngokumelene nawe, ukuthi akunjalo.

162 Bahlali baseBetlehema, uNkulunkulu anibusise, ake sidlule! UKristu ufuna iBandla langempela. Ufuna uMlobokazi. Masisike izindlela zethu sidlule. Phuma lapha, dedisa lezizivumokholo, ukuthi abaphuzi bangempela bangabuya futhi bathole isiphuzo sangempela, aManzi apholile epentekoste ake ageleza evela kuloMthombo omkhulu. Usageleza. Ungeze namhlanje futhi ukholwe lokho ngayo yonke inhliziyo yakho, sisakhothamisa ikhanda lethu umzuzwana nje.

163 Nginezinto eziningi lapha okufanele ngikhulume ngazo. Isikhathi ngeke sikuvumele, sekuyihora leshumi nanye nqo manje. Angazi ukuthi mangaki amaqhawe phakathi lapha, nina befundisi, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, umpristi weKatolika, noma ungaba yini, ukholisekile na? Ngiyazi ukuthi angisiyena umfundisi wasesontweni. Ngingahle ukuba ngivela ehlane, nokunqanyuliwe *lokhu*, *lokho* no*kunye*, kodwa Leli yiZwi. Nani niLikholwa kanjalo, futhi nikholwa ukuthi YiZwi, lelo yiBetlehema. UJesu wathi, "Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa; kepha ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." NeZwi lilapha, iBhayibheli. Umuntu uyakuphila ngaLelo, futhi UyileloZwi.

164 O qhawe, uzoyihosha iNkemba kaNkulunkulu bese uthi, "Sengiqedile ngalamasiko, ngibuyela eZwini, ngibuyela eQinisweni"? Besifazane, madoda! Besifazane, aninamahloni ngani, ngendlela ebenenza ngayo na? Ngabe niyavuma kulokhu ukusa, kuloKhisimusi, ukubuya futhi nibonise uJesu Kristu wangempela na?

165 Manje namakhanda enu ekhotheme nalolonke iso livaliwe, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Khuleka, Mfowethu Branham. Ngokweqiniso ngifuna ukwenza lokho enhliziyweni yami. Nginjalo, ngiyakukholwa"? UNkulunkulu akubusise. He, abefundisi, abesifazane, yonk'indawo!

166 EBetlehema, iBetlehema, indawo yeSinkwa naManzi kaNkulunkulu, uKristu iBetlehema lethu elikhazimulayo. Singena kanjani kuYe na? KwabaseKorinte bokuQala 15, "NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni kaJesu Kristu okufiphele."

167 Sizondla ngeZwi laKhe, hhayi noma yini enye, uKudla kwezimvu kuphela! LeloZwi! Akukho okunye. Awukwazi ukufaka sivumokholoo kuLo, angeke sikulalele. Qhabo, mnumzane. Uyahamba uthi, "Ngani, yi*le*ndlela." Uma iBhayibheli lithi yiLendlela, Yilendlela esiLifuna ngayo. AsiLifuni linongiwe. SiLifuna ngendlela nje eLiyilo.

168 O Nkulunkulu, Baba wethu, namhlanje kukhona izinhliziyo ezilambile ezisasele emhlabeni. Kungani kube yiBetlehema elincane. Ngendlela yami empofu engenamfundo, Nkosi, ngizame ukuvumela leli qembu elincane. . . elingithandayo, ngiyazi ukuthi bayangithanda, Nkosi. Futhi ngiyabathanda. Futhi ngiyabathanda kakhulu kuze kuthi, Nkosi, ngi—ngiyabalangazelela. Angifuni ukubabona bexovekile kulezizinto ezinkulu, futhi benqunyiwe khona-ke lapho sekudlule isikhathi kakhulu, futhi ngibone leyomiphefumulo empofu ngaphesheya etilongweni, futhi ngazi kanye bake baba nethuba.

169 Nkosi Nkulunkulu, namhlanje, kungakhathaleki ukuthi iJerusalema elikhulu licabangani, futhi labo abaseGiliyadi neRamoti-Gileyadi nanoma yini okunye, owaseShilo, nezindawo zokukhulekela ezinkulu, nomaphi lapho zikhona. Kukhona iBetlehema. "Awusiye yini omncinyane phakathi kwayo? Kepha kuwe!" KwiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian; iKatolika, isishayamthetho esikhulu; nabaseRamoti-Gileyadi, lapho uLuther walwa khona; na—naba—abaseShilo, lapho mhlawumbe uWesley walwa khona; ne—nezinye izindawo eziningi. Kodwa, Nkosi, Nkosi, Wena wavusa iqembu lePentecostal, futhi uma bengaphendukanga ngqo futhi benza into efanayo!

170 Jesu waseNazaretha, ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuba udedele amaqhawe, aphume kuzo zonke kwenye yalezi zivumokholo emuva lapho, phakama eGameni laKho, asike adlule kuzo zonke lezi zivumokholo futhi abuyele eqinisweni, iZwi elimsulwa, alahle konke okusindayo okuthandele kalula kangaka kubo, alahle lonke ihora abaphandle ngalo lapha ngobuwula beqathakela ngapha ezama ukwenza amalungu enhlangano. Nkosi Nkulunkulu, avumele abuye ukuba athole abaphendukile kuJesu Kristu; hhayi ukudumisa noma iyiphi inhlangano noma yibaphi abantu, kodwa uJesu uKristu, Yena yedwa.

171 KwakunguDavide lawo madoda amlwela. KwakunguDavide ababeka ukuphila kwabo engozini. Nalawomaqhawe anamandla kakhulu, engenakwesaba, ahamba indlela yawo adlula lapho,

ngoba kwakuyisifiso sakhe. Kwakuyisifiso sakhe ukuphuza kulowo mthombo.

172 Nkosi Nkulunkulu, mhlawumbe asikuzwa lokho, nje lokho kudluthula, kodwa, bheka, yisifiso saKho ukuba lezizinto zenziwe. Njengoba Wathi kuJohane, "Ngokuba kusifanele, noma kufanelekile, ukuba sigcwalise konke ukulunga."

173 Kufanelekile kithi, njengabefundisi namhlanje, ukubona ukuthi leliZwi liyashunyayelwa, ukubona ukuthi liyenziwa. Kufanelekile kithi, indoda yalawa ihora esiphila kulo. Amadoda amakhulu emhlabeni namhlanje, O Nkulunkulu, aphandle lapho, mawakubone futhi axhakathise iNkemba! Kungenandaba ukuthi ubhekene nani, uma uNkulunkulu engakini, ngubani ongamelana nawe na? Asikhathalele, ukubeka engozini inhlaliswano yethu yomphakathi. Asikhathalele, ukubeka engozini *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Sifuna ukubuyisa aManzi okuPhila!

174 Masiye eBetlehema, Nkosi, vumela bonke. Vumela bonke laba besifazane, ukuthi, ngokuqinisekile, uma bephakamisa isandla sabo, babenamahloni ngabo. Mabaqonde ukuthi lamadoda azoba njengoMnu. Kennedy ngolunye lwalezi zinsuku. Bazo—bazoba njengawo wonke amadoda, kumele bafe. Laba besifazane bayafa. Ngiyafa. Sonke siyasha lapha emhlabeni, futhi sazi ukuthi nje isikhathi esifushane, kuphela sinezinsuku ezimbalwa kakhulu ezisele. Futhi, Nkulunkulu, esikhundleni sokuzama ukwakha izinqubo ezinkulu, Nkosi, vumela amadoda nabesifazane bebone kulokhu ukusa ngukufika kweNkosi.

175 O Nkulunkulu, ukufika kwaleyoNkosi enkulu, uJesu! Futhi ku. . . Futhi siyaqonda, Nkulunkulu, ukuthi ngamunye walawo madoda ahoshe leyonkemba futhi alwela uDavide ngenkathi engumhambuma, lapho esengena emandleni, wawabeka ababusi phezu kwemizi. Ngamunye wawo ayenemizi. Futhi Wakwethembisa lokho eBhayibhelini, ukuthi siyoba nemizi. O Nkulunkulu, njengabeZizwe, badla ifa ngabeZizwe, ukuze sibe ngabahlanganyeli bobungcwele baKhe nokulunga kwaKhe! Sivumele namhlanje, Nkosi, njengabantu abangamaqhawe, sithathe leloZwi, sazi ukuthi, labo abamMelele kulelihora, bayoba ababusi phezu kwemizi. Hhayi njengoba sifuna ukuba ababusi, kodwa sifuna ukuba yizinceku kuWe, Nkosi. O Nkulunkulu, sibona umbono walengcosana encane, leliqembu elincane, lokhu okubizwa ngo "buhlanya" e. . . UPawulu wathi ngosuku lwakhe, "Ngendlela ebizwa ngokuthi 'ukweduka,'" ukuhlanya. Yilapho engifuna ukulwa khona, Nkosi. IZwi laKho liyiQiniso! Futhi Wena uyiZwi, onguye izolo, namuhla, naphakade.

176 O Nkulunkulu, sigcobe ngeZwi laKho, futhi ulethe iZwi laKho lithenjisiwe kulolusuku ukuba lufezeke. Kwangathi singashiya lesisakhiwo kulokhu ukusa njengezinsimbi

ezikhanyayo zikaNkulunkulu. Kwangathi singahamba neNkemba, Ibenyezela emoyeni, unqume konke okusindayo nakho konke okunye, kuze kube singabuyisela abantu kuKristu, futhi silethe isiphuzo esipholile eNkosini yethu, esikhundleni sazo zonke lezi zivumokholo ezindala ezingolile. Vumela abantu baphuze eMthonjeni, esangempela, isibusiso esipholile esihlumelelisayo sepentekoste, ukuze sikwazi ukubusisa inhliziyo yaKhe futhi siMbuyise phakathi kwethu futhi. Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka.

177 Sisakhothamise amakhanda ethu, uma umshayi wopiyano noma umshayi we-ogani, noma ngabe yikuphi, uzoya kwi-ogani, upiyano, ngifuna thina ngokuthula sicule leli, "Kunomthombo ogcwaliswe ngegazi, elimuncwe emithanjeni kaImanuweli; lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala . . . " Soni, yini isoni na? Ukungakholwa. "Abangakholwa bebhukudile." Ukungakholwa kwini na? IZwi. O, lawomaJuda awafunanga ukukholwa ukuthi ayengabangakholwa, ayecabanga ukuthi ayesindisiwe, kodwa uNkulunkulu wayazi ukuthi ayedinga uMsindisi. Ayekhulekela iqhawe, uNkulunkulu wawanika uMntwana, uMsindisi. Wayazi abakudingayo. Leso yiSipho sabo sikaKhisimuzi. Yilokho okudingayo namhlanje, yilokho engikudingayo namhlanje, uMsindisi wokungakholwa kwami, uMsindisi ekungakholweni kwakho. Sisacula, ake sikhuleke nje ngakho manje ezinhliziyweni zethu. Nje khulekani ngobuqotho, ngiyacela, bandla.

> Kunomthombo ogcwaliswe ngegazi,
> Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli,
> Nezoni (abangakholwa) zabhukuda (hhayi
> ilunga lebandla, manje) ngaphansi kwe . . .
> (yilapho ilunga lebandla libhukuda khona)
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.
> Kusuke lonke ibala lecala lazo,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo;
> Nesoni . . .

178 Nkosi Jesu, ngiyakhuleka manje ukuthi Uzosamukela. Ngizifaka mina uqobo khona lapha naleliqembu, Nkosi. Thatha konke ukungakholwa kwami, Nkosi, kusuke kimi. Mangife, Nkosi, njengoba uSamsoni wakhala, mangife nalamaFilisti. Mangenze noma kungaba yini ukuba mina ngiyenze, kodwa, Nkulunkulu, hlambulula umphefumulo wami. Susa konke ukungabaza. Uma kukhona noma yini kuleliZwi engingayikholwa, Nkosi, futhi uma—uma kungekho lutho lapha Oyethembisile, ukuthi angiboni impilo yami iqinisekisa leloZwi lalolusuku, khona-ke, Nkosi, ngithethelele. Ngithethelele, Nkosi.

179 Nginike isibindi. O Nkosi, ngidinga isibindi ukusika lento, ngisike lolu donga, ngokuba ngiyazi ukuthi kuyisifiso saKho. Ukukhulumile, kufanele kube kulolusuku, "Njengoba

kwakunjalo emihleni yaseSodoma, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Sibona lomnyakazo wokugcina, lesi sibonakaliso sokugcina esinikezwe ibandla. Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina senzalo ka-Abrahama yokwemvelo asibona ngaphambi kukuba umlilo uqothule izwe labeZizwe. Futhi kunjalo isibonakaliso sokugcina ukuthi iNzalo yaKhe yasebukhosini izakubona ngaphambi kokuba umlilo uqothule izwe labeZizwe. Wena . . . Nkosi, kwangathi bangabona ukuthi yilesosizathu ncamashi nje uJesu wayefanele azalelwe eBetlehema. YiZwi laKho. Yisithembiso saKho. Babusise manje, Baba. Ngibanika Wena, njengemiklomelo. Futhi kwangathi thina, ndawonye, Nkosi, sidonse iZwi namhlanje, futhi simashe siqhubekele phambili eGameni likaJesu. Amen.

180 UNkulunkulu anibusise. Niyayithanda iNkosi uJesu na? Niyakholwa ukuthi lelo yiQiniso na? Phakamisani izandla zenu uma nikholwa ukuthi kuyiQiniso. Ngiyabonga, bangane. Bukani, ngingu . . . Ngicabanga ukuthi iteyipu isicishiwe. Niyabo, ekukhulumeni lapha, angikhulumi kini nje. Leyoteyipu iya emhlabeni jikelele, futhi amadoda nabesifazane emhlabeni jikelele bezwa Lokho. Siya esizweni emva kwesizwe emva kwesizwe, bavele nje, bahlala lapho namashubhu amancane ezindlebeni zabo futhi—futhi bakhulume Lokho ngqo kumakhulu ngamakhulu abantu emhlabeni jikelele.

181 Futhi yazini, akusikho . . . Manje, nina besifazane, angifuni ukulimaza imizwa yenu uma nginitshela lezozizinto. Kodwa uma umelusi wakho engakutsheli Lokho, kukhona okungahambi kahle ngaye. Aka—akanaso isibindi ukukwenza. Ucasha ngemuva kwenhlangano. Noma ufana noLoti, ehlezi phansi, ngaphambi kokwehla komlilo, yena—yena nje wayengenayo into yangempela—inyo yangempela ebiza ukuma phandle lapho. Yena . . . IBhayibheli lathi, "Izono yaseSodoma zawuzwisa ubuhlungiu umphefumulo wakhe olungileyo nsuku zonke." Umphefumulo wakhe wawazi kangcono, kodwa wayengenayo into yangempela eyabiza ukuma phandle lapho futhi akulahle. Futhi umelusi ongetshele owesifazane ukuthi akulungile ukugunda izinwele zakhe, kukhona okungalungile ngaleyondoda, nokugqoka lezizingubo.

182 Futhi nina madoda, nina madoda eniyovumela abesifazane benu benze izinto ezifana nalokho, yini indaba ngani na? Yini indaba ngani na? Uhole umkakho azungeze adabule edolobheni enjengesifebe sasemgwaqeni, bese umukula enye indoda emlonyeni uma iyomthuka. Nguwe odinga ukumukulwa emlonyeni. Kunjalo, futhi uNkulunkulu uzokwenza ngolunye usuku, futhi. Kunjalo. Sidinga ukubuyela kuleliZwi.

183 Akukhona lokho kuphela, lokho nje okuncane, into encane. Kodwa uzozithola kanjani izinto ezinkulu uma wala ezincane na? Ungayifunda kanjani i-algebra uma ungamazi uABC na? Awukwazi ukubala ufike eshumini, uzozazi kanjani izibalo

zakho na? Uzofanele uqale kusuka phansi. Uzama ukuqala phezulu, yehlela phansi lapha futhi uqale kahle.

184 Lesi yisikhathi sokukwenza, manje, uKhisimusi. Kwakungukuzalwa kukaKristu, uKristu makazalwe kithi. Uyini uKristu na? UKristu uyiZwi. Bangaki okwaziyo lokho na? "Ekuqaleni kwayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu."

185 Omunye washo ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Branham, wena, abantu bazi ukuthi ungozonda abesifazane." Anginjalo. Anginjalo. Nginothando lwangempela ngodadewethu. Amanye amadoda azophenduka, acabange ukuthi ubukeka kahle unamehlo abomvu namehlo aluhlaza, nezinwele eziphunguliwe, leyondoda inombono ohlukile kunalowo ebengiyoba nawo. Owakho . . . Ngiyawuthanda lowo mphefumulo ophakathi kuwe, lowo uzohlangana noNkulunkulu. Yilokho engiyikho . . . udadewethu waPhakade, hhayi enye into encane yocansi lapha emhlabeni iyo . . .

186 Bangaki abake bafunda ukwehla, kokuwa kweRoma na? Impela. Buka lapho, into efanayo nje esiyenzayo, ukuheha ngokocansi. Intsha esimweni ekuso, khona ncamashi nje indlela esingayo manje, izinkinga zobuhlanga. Futhi nentsha isihola, nendoda nocansi. Ngendlela nje uMbuso wamaRoma owawa ngayo, iminyaka eyikhulu namashumi nesishiyagalombili edlule, futhi nakhu khona ngqo emuva lapha futhi phakathi kwabeZizwe. Niyabo? Ukudideka phakathi kwezinkolo nezinto. O, ihora elinje esiphila kulo!

187 [Udade unikeza umlayezo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen. INkosi uNkulunkulu isikhulumile. Ngiyakukholwa lokho.

188 Manje masisukume. Uma Ekhuluma, yisikhathi sethu sokuba sihloniphe ngokuzithoba. [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Uthini?

Ngomusa kaNkulunkulu, nangosizo lukaNkulunkulu, ngizimisele kakhulu kunengake ngabayikho, ngimi ngaleliZwi futhi ngizama ngakho konke okwami okwedlula konke, ngosizo lukaNkulunkulu, ukusika indlela eya eBetlehema futhi, lapho abahlali baseBetlehema bengaphuza khona kulowoMthombo. Bangaki abazojoyina kanye nami, nezandla zenu ziphakeme, uthi, "Ngiyethembisa kuNkulunkulu ngizokwenza"? UNkulunkulu akubusise.

189 Manje khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje, futhi ngiyakholwa umzalwane othile lapha, Mfowethu Jeffries, woza lapha. Uzokhulula izethameli ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu sikhuleka, uma uthanda. Kulungile, mfowethu.

